# *Yiso IsiBonakaliso SokuPhela Lesi, Mnumzane Na?*

Ngiyabonga kakhulu Mfo. Neville.

Ngiyanibingelela kusihlwa, bangane bami abaligugu. Ngiyajabula kakhulu ukuphinda ngibuye futhi namuhla ebusuku enkonzweni yeNkosi, uNkulunkulu wethu. Lokhu. Yikho lokhu. O, yebo. Kulungile. Nginibambe isikhathi eside namhlanje ekuseni sengize ngizizwe kuthi angisheshise ngempela kulobubusuku. Wo, bekukubi kanjani . . . kumiwe, futhi kusekubi kanjalo nanamhlanje ebusuku. Ngakho, akusekude ukuba sinitholele indawo—masinyane nje emva kokuphela kwendlu yokukhonzela.

Qhabo, kodwa asihlosile ukuhlala isikhathi eside kulobubusuku. Kodwa kusasa ebusuku, sihlose ukuhlala isikhashana. Kusasa ebusuku, uma abanye benu bengafika kusasa ebusuku . . . Sibheke ukuba nesikhathi esikhulu eNkosini. Kuyobakhona umuntu okahle lapha kusasa ebusuku . . . Sizo . . . sonke sinesikhathi . . . Sizoba nesidlo phakathi nobusuku kusasa ebusuku. Ngineqiniso ukuthi nizothanda ukuba nibe . . . ningene nalokho. Ngenkathi bonke abanye bememeza, bempongoloza, bedubula, bephuza, nokunjalo, siyokhothama ngokuhlonipha phambi kukaNkulunkulu bese sithatha isidlo bese siqala unyaka nesethembiso sethu . . . izinhliziyo zethu kuNkulunkulu ukuzinikela kuYe.

Kuzobe kukhona ezinye izikhulumi ezikahle lapha kusasa ebusuku, ngempela ngempela. Bakhona abakahle . . . umfowethu ovela e Georgia uphezulu lapha—uMfowethu Palmer, isikhulumi esimangalisayo. UMfowethu Junior Jackson uzobe elapha kusasa ebusuku—uMfowethu Beeler, uMfowethu Neville. O, he, he! Lokhu kuqhubeka nje. Indoda ekahle kaNkulunkulu ezobe ilapha. UMfowethu Willard Collins, nabobonke labo bazalwane akade besinikeza imilayezo emikhulu kabi; futhi mhlawumbe abanye bazotheleka, ngakho sizolindela isikhathi esikhulu kusasa ebusuku.

Manje umkami uthe, "Ungakusho lokhu," kodwa ngifanele ngikusho nayikanjani. Ngiyaxolisa ngithe, *uMbusi* namhlanje ekuseni, esikhundleni sika *Nompempe*. U Billy ehlezi emuva laphaya uthe, "Nango ehamba."

Ngithe, "Umbusi, ufanele abe nombusi." Bengiqonde u *nompempe*. Ngifana nalokho abakusho ngomlisa oyi Dutch, niyazi—"Ungangithathi ngalokho engikushoyo, kodwa

lokho engikuqondile." Ngakho, ngathi, "Ngicabanga ukuthi bayangiqonda emva kwayoyonke leminyaka."

Niyazi lokhu kumayelana . . . lena yiminyaka engamashumi amathathu ngiyilokhu ngimi emva kwalelipulpiti, lapha. Iminyaka engamashumi amathathu ngikulelitabernakele. Nifanele engabe seniyangazi ngalesisikhathi, anifanele na? O he, imfundo yami inomkhawuko impela. Angikwazi ukukhuluma, kodwa ngenza umsindo oliqiniso eNkosini.

Mfowethu ngikholwa ngukuthi kwakungu Dokotela Lamsa, weBhayibheli i Lamsa, khona kulo ihumusho owathi . . . Ngelinye ilanga ngangikhuluma futhi ngangingazi ukuthi wayelapho. Wabuya futhi wayekhuluma nge Urimi Thumimi—futhi-ke wayekhuluma ngalokho kuKhanya wayesethi, "Yini indaba ngalababantu namuhla na?" Futhi ngathi, "Isizathu sokuba abantu, abahumushi, bengakwazanga ukuhumusha iBhayibheli ngokuyikho, ngukuthi abahumushi bazama ukuhumusha ngei Jalimane esiphakeme esixubile, kanti uJesu ekhuluma, wakhuluma kubantu bezinga eliphansi, njengoba kwakukhuluma abantu basemgwaqeni nje." Futhi niyazi kukhona umBhalo ngale ku Luka owathi, "Abantu abejwayelekile baMuzwa ngokujabula." Wakhuluma ngolimi lwabo. Ngiyethemba ukuthi kusenjalo futhi.

Siyajabula ngeNkosi. Manje ngiyazi . . . Ngiyazibona lezozintombi zimi zizungeze . . . Kubi kakhulu nje ukubona owesilisa emile, ungasaphathi lawomantombazane, abafana, nezintombi, nokunjalo, bemi bezungeze izindonga—nabantwana abancane. Kepha asinayo indlu yokuhlala eyaneleyo, ngakho iyakhuleka ukuthi ngesikhathi esizayo sizoba nezinkonzo, emva kwaleliviki; emva kwalesisikhathi . . . Niyazi, into elandelayo phezulu, ngokwazi kwethu, yilezo ziMpawu eziyisiKhombisa; futhi ngokuvuma kweNkosi, siqala ngazo ngokushesha nje emva kokuphela kwendlu yokukhonzela—yakhiwe ukuze ingene phakathi lapha. Sizongenela ukuba iphinde ibusiswe, futhi mhlawumbe nomaphi kusukela kwelilodwa kuya kwamabili, futhi mhlawumbe amaviki amathathu inkonzo ngqo, manje—sikhuphukele iziMpawu eziyisiKhombisa. Ngakho, sibheke isikhathi esikhulu eNkoini ngalesosikhathi. Futhi sizo . . . Nonke nina bantu abangaphandle kwedolobha, sizoniposela amakhadi nakho konke futhi sinazise isikhathi ngempela, mhlawumbe kusasele iviki kumbe amabili.

Umakhi, njengoba bengazi u Billy uzosho namuhla ebusuku, uzoqeda ngosuku lweshumi luka Febuwari. Kulungile, uma eqede ngolweshumi, thina siyoqala ngolweshumi nanhlanuke. Ngakho bayothi bangaqeda nje, siyoqala khona manjalo singene kuyo.

Omdala uDadewethu Kidd, ungibizile esikhashaneni esadlulileyo, futhi ubethi akakhale. Uthe, "Mfowethu Branham,

izame kakhulu ukudumisa leyomoto endala, futhi ayivumanga ukuduma." Ngakho uthe, "Thandaza ukuba idume, futhi ngiyoza kusasa." Futhi uthe, "Angazi noma ngingayithola yini indawo yokuhlala na?"

Ngithe, "Ungakhathazeki, sizokutholela ikamelo, Dadewethu Kidd, ngokushesha nje uma usufike lapha."

Uthe, "Ayibusiswe inhliziyo yakho." Wathi, "Uyazi, uma uzoba nezinkonzo kuze kube ngeleshumi nambili nqo, angifuni ukuphuma ngeleshumi nambili nqo."

Niyazi, yena noMfowethu Kidd cishe banamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu eminyaka ubudala ngamunye, futhi basekuyo inkonzo. Niyazi ukuthi benzani na? Banesiqophamazwi, futhi bathatha imilayezo yami futhi bahambele isibhedlela ngesibhedlela, indlu ngendlu, bedlalisa amateyipu. Manje, uma lokho kungesikho, ukungayeki—lokho akusikho ukuthatha umhlalaphani. Lokho kungukubambelela ekukholweni kuze kube sekugcineni, ufe neNkemba esandleni. Yileyondlela yokuhamba. Yileyondlela engifuna ukwenza ngayo.

Futhi-ke wayesethi, "Uyazi, uma ngiphumela emgwaqeni omkhulu ngeleshumi nambili nqo wathi futhi ngemva kweleshumi nambili nqo ebusuku, ngizama ukuya ekhaya, nawo onke lawomademoni adakiwe, wathi, wathi egijima ngendlela yawo, ephuza—lawomademoni ehla enyuka, kuthi angife ngukwesaba."

Mfowethu Pat impela uyesaba. Lowomuntu omdala bandla . . . Bangaki abamaziyo uDadewethu Kidd na? Uhlala lapha. Intwanyana ebukeka ingcwele bandla.

Futhi lapho cabanga nje, iminyaka ngingakazalwa (futhi sengiyindoda endala) wayephezulu lapho kulezo zintaba—yena noMfowethu Kidd. Wayewasha usuku lonke epulangweni lokuwashela ukuba athole ishumi nesihlanu kumbe osheleni ababili okuyiholo lokuwasha kwakhe, ukumthumela le ndawo ndawo ngalobo busuku ukuyoshumayela—kulezozimayini zamalahle phezulu laphaya e Kentucky, lapho khona odingwa ukugadwa ngesibhamu ukuze ukwazi ukukhuphukela entabeni lapha oyoshumayela khona. O he! Ngakho ngiyacabanga,

> "Ngabe kufanele ngithwalwe ngiyiswe ekhaya eZulwini ngombhede onezimbali othokomele,
> Kanti abanye balwa ukuze bazuze umklomelo futhi bagwedla izilwandle ezinegazi na?
> Kufanele ngilwe uma kufanele ngibuse;
> Yandisa isibindi sami Nkosi . . . "

Lokho futhi ngifuna ukwesekelwa nguYe ngeZwi laKhe. Yilokho engikufunayo namhlanje ebusuku.

Manje, ngethemba ukuthi iziqophamazwi ziyahamba manje, O yebo—ngiyaxolisa. Udade omncane ubenengane lapha namhlanje ekuseni ubefuna ibusiswe. Futhi ngimtshelile ukuthi impela sizokwenza namhlanje ebusuku. Futhi manje, nakusasa ebusuku sizoba nokubusiswa kwabantwanyana, izinkonzo zokuphulukisa, konke esingaba nokukwazi ukukuqeda. Sifanele ukuba nesikhathi esiningi . . .

Manje, ngizocela uizo oluncane nje, kubantu abancane nakwabadadlana. Futhi ngiyazi ukuthi kunzima. Ningeke nama nithule isikhathi eside kakhulu, ngoba izimbambo zenu ziyaqhineka; kodwa ngizovelela entweni ethize kulobubusuku engingakaze ngiyenze phambilini. Futhi kukhona engizokhuluma ngakho, engingakaze ngicabange ukuthi ngiyoke ngikhulume ngento enjalo.

Yingaleso sizathu, namhlanje ekuseni, angifunanga ukubeka lesosikhathi ngaphambi komlayezo, futhi angiqedanga ukukhuluma ngo *Qobo* lwami—futhi angicabangi ukuthi ngiyoke ngiqede. Ngethemba ukuthi angisoze ngakwenza. Uyamangalisa kakhulu.

Kodwa kulobubusuku ngizokhuluma ngento engingayazi. Futhi manje, kuyinto exakile leyo ukuba ingashiwo ngumfundisi: ukuthi uzokhuluma ngento angazi lutho ngayo. Kodwa ngiyazidela, ngolwazi lwami lonke, ukuthi lelibandla likwazi ukuqonda. Futhi ngingekwazi, nakancane, ukunifihlela lokho okunenzuzo.

Futhi-ke leteyipu . . . (ngiyethemba abafana bayaqopha) futhi uma kwenzeka uyithola iteyipu (noma ngubani olalela iteyipu) khumbula, uma kukhona okukudidayo, ungakusho ngaphandle uma kuseteyipini! Ungayisho into ephambene nalokho okuseteyiphini.

Abaningi babhala nge *Nzalo ye Nyoka* futhi bathi ngithengathi. Ngiyahamba ngithathe iteyipu ngiphinde ngiyidlale—angikushongo ngaleyondlela. Uyabona abantu behlulela izinto ngokungeikho.

Niyazi, uJesu, ngesinye isikhathi emva kovuko lwaKhe, wayehla egudla ugu nabapostoli, no Johane wayencike esifubeni saKhe, futhi bathi, "Kuyokwenzekani kulomuntu na?"

UJesu wathi, "Kuyini kuwe uma ehlala ngize Ngifike na?" Ngakho kwaphuma izwi lokuthi u Johane wayezophila aze abone uJesu efika. Futhi umBhalo uthi, "Kanti, Akazange akusho kanjalo."

Niyabo, Akazange akusho lokho. Wathi nje, "Kuyini kuWE uma ehlala ngize Ngifike na?"

Akazange asho ukuthi uyohlala, kodwa niyakubona ukungaqondi—kulula kabi.

Namanje, akusikho ukuthi ngigxeka lowo okwenzileyo, ngoba ngiyakwenza uqobo lwami. Futhi bonke abantu bayakwenza. Uma abapostoli, abahamba neNkosi yethu, abaYizwanga—futhi abazange baYizwisise kahle . . . Kwathi ekugcineni bathi, "Bheka, manje siyaqonda! Manje siyakholwa, futhi ineqiniso ukuthi akekho umuntu ongaKutshela noma yini ngokuba Wena wazi izinto zonke."

NoJesu wathi, "*Manje* niyakholwa na? Niyabo. Emva kwasosonke lesosikhathi, ngabe nina ekugcineni . . . ngabe ekugcineni kuze kwafinyelela kini, ukuthi niyakholwa na?"

Futhi lokho kungubuntu nje, futhi sonke singabantu. Ngakho asizukuqonda, kodwa uma kuthi ukukudida kancane, hlehlisa iteyipu uyidlale futhi. Bese ulalelisisa-ke. Manje ngineqiniso lokuthi uMoya oNgcwele uzokwembulela.

Ngakho abangane abancane, uma nje nizoke nibambe o ameni benu—abantwana. Nithi ukulinda nje isikhashana, ngoba ngifuna lokhu kutholakale ngempela, ngoba abaningi abazukubanayo iteyipu. Ngakho, ngifuna niqiniseke ukukuthola, futhi ake sivelele kukho ngoba ngizothi imizuzu engamashumi amathathu-nanhlanu, kumbe amashumi amane, ngokukhulu ukuzithoba njengoba sazi ukuthi kwenziwa kanjani, ngoba lesi yisikhathi esikhulu kakhulu kimi. Kulapho la kukhona okwenzekileyo engingazi ukuthi ngizokwenzenjani. Niyabo. Futhi ngimi emngcingweni owesabeka kakhulu kunawo wonke esengake ngama kuwo, ezinsukwini zentshumayelo yami, engizaziyo. Ngakho asikhothamise amakhanda ethu, manje, ngaphambi kokuba singene eZwini.

Baba oseZulwini, khona-ke esikhathini esadlule, ngashumayela ngesihloko esithi, *Ukuzicabangela*. Futhi *Ukuzicabangela* kungukuzidela ngaphandle kwegunya. Futhi mhlawumbe namuhla ebusuku, Nkosi, ngizithathele mina ukuhumusha into ethize kubantu ngaphandle kokuba ngibe nombono wayo. Ngakho-ke Nkosi, ngihlole lapho amaphuzu efanele khona ukuhlolwa. Vala umlomo wami, Nkosi. Wawuvala umlomo webhubesi emphandwini no Danyela ukuthi alizange limlimaze. Futhi Nkosi, ngiyakhuleka ukuthi uma ngingazama ukuhumusha okuthile ngokuliphutha, Usenawo amandla okuvala umlomo. Kodwa uma kuliqiniso, khona, Nkosi, kubusise, futhi ukuthumele. Futhi Uyazazi izimo nokuthi yini okuyiyona esesandleni. Yingakho ngiza, ngisho nakuwona lomzuzu wokugcina, epulpiti ukuzama ukuhumusha lezizinto. Futhi ngithandaza Wena ukuba usisize.

Busisa lelibandla elincane. Leliqembu eliza lapha phansi kophahla, elihlala nathi lapha edolobheni—livela emibusweni eminingi. O, lapho amathunzi akusihlwa ewa, siyajabula kakhulu ukuba nendawo esiza kuyo. Lapho umhlaba udideke kakhulu futhi bengazi ukuthi bami kuphi, siyajabula ukuthi

iGama leNkosi liyiNqaba enaMandla, futhi nabalungileyo babalekela kuyo, futhi baphephile. Akusiwo nje amazwi amaningi kakhulu, kodwa yi *sambulo*.

Ngakho, siyathandaza Baba, njengoba kuzofika izinkanyiso zakusihlwa ekushoneni kwelanga, futhi siyakholwa ngukuthi yilesosikhathi esiphila kusona—ekushoneni kwelanga. Futhi kakhulukazi ngesizotha sibonga Wena, Nkosi, ngezinhliziyo zethu zonke, ngezinto Osenzele zona. Futhi Nkosi, kusukela phansi onyakeni ngiyaKubonga ngokuvulela imibono Oyinikezileyo—yonke iphelele phaqa, futhi konke ukuchazwa kwephupho kube ngaleyondlela impela. Ngakho siyazi ukuthi kungaba nguWena kuphela, Nkosi, ngokuba thina singabafayo—sonke sizalelwe esonweni, futhi akukho lutho oluphilile kithina. Kodwa ukucabanga ukuthi Uthatha into engesidalwa enjengesidalwa ubageze ngaManzi eZwi nangeGazi likaKristu bese welula LESO Sandla ngangokuthi umuntu uze angabe esasebenzisa umcabango wabo qho, kodwa avumele uMqondo kaKristu Owazi izinto zonke. Uvumele Ungene ukhulume, futhi usebenzise itabernakele. Ngiyabonga, Baba. Manje sibusisa iGama laKho eliNgcwele. Futhi sibusisa leliqembu elincane kulobubusuku eGameni laKho. Sibusisa umfundisi, uMfowethu Neville, inceku kaNkulunkulu eyiqhawe. Sibusisa abadikoni abaphathi, nalolonke ilunga loMzimba kaKristu bobabili lapha nasemhlabeni jikelele eGameni leNkoi uJesu.

Futhi o, njengoba sibona leli elimnyama, elingcolile, ithunzi elesabekayo liwa linquma ebusweni bobuKristu, siyazi isikhathi sisondelela eduzane. Kuyobakhona uHlwitho neBandla liyothathwa lisiwe phezulu. Nkosi, masiqhubeke imashe, sibheke kuMqalisi noMphelelisi, uKristu. Siphe khona, Nkosi, futhi njengoba siqhubekela phambili, manje, eGameni leNkosi uJesu ukunakekela lezizinto ezibekwe ezinhliziyweni zethu, siyakhuleka ukuthi Uzoba nathi futhi usisize kuphume inkazimulo kukho, Nkosi, ngokuba sizinikela kuWe, neZwi laKho, eGameni likaJesu Kristu. Ameni.

Manje, uma unepensela nephepha, ngizothanda nibhale izinto ezithile phansi noma yini ofisa ukuyibhala; kulungiselele. Kanti naseteyipini, futhi. Uma ufisa ukuloba imiBhalo phansi noma nini, ngoba ngikholwa ngukuthi ngumBhalo obalulekile.

Manje, sifuna ukufunda itekisi kulobubusuku, kumbe sifunde ukufundwa komBhalo, eNcwadini yeSambulo sikaJesu Kristu. Futhi ngiyakholwa ngukuthi lesi yiSambulo sikaJesu Kristu njengoba silotshwe eNcwadini. Futhi nayisiphi esinye isambulo esiyophambana na *lesi* sambulo siyoba ngeiyiphutha. Ngikholwa yikuthi lokho kuyohambisana nokucaphuna futhi. NOMA YISIPHI ISAMBULO ESINGAYIKUFANELANA NALESISAMBULO FUTHI SILETHE LESISAMBULO EKUKHANYENI, SIYISAMBULO ESILIPHUTHA. SIFANELE SIBE NGOKOMBHALO.

Manje, esahlukweni 10 seNcwadi yeSambulo sikaJesu Kristu, ngifisa ukufunda amavesi ambalwa okuqala, amavesi okuqala ayisikhombisa—kwelokuqala kuya kwelesikhombisa. Futhi lalelisisani manje, futhi ningikhulekele.

> *Ngase ngibona enye enamandla enye ingelosi enamandla yehla ezulwini, yembethe ifu: nothingo lwenkosikazi lwaluphezu kwekhanda layo, nobuso bayo babunjengelanga, nezinyawo zayo zinjengezinsika zomlilo:*
>
> *Iphethe esandleni sayo incwadi encane evulekileyo: yayisimisa unyawo lwayo lokunene phezu kolwandle, nonyawo lwayo lokhohlo phezu komhlabathi,*
>
> *Yamemeza ngezwi elikhulu, njengokubhonga kwengonyama: nalapho isimemezile, imidumo eyisikhombisa yezwakalisa amazwi ayo.*
>
> *Nalapho imidumo eyisikhombisa isikhulumile, ngase ngizakuloba: kepha ngezwa izwi livela ezulwini lithi kimi, Namathisela ngophawu okukhulunywe yimidumo eyisikhombisa, kodwa ungakulobi.*
>
> *Ingelosi engayibona imi phezu kolwandle naphezu komhlabathi yayisiphakamisela izandla zayo ezulwini,*
>
> *Yafunga yena ophilayo kuze kube phakade naphakade, owadala izulu, nokukuyo, nomhlaba, nokukuwo, nolwandle, nokukulo, ukuthi akusayikubakho isikhathi:*
>
> *Kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa, lapho isizakubetha icilongo, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, njengalokho azazisa izinceku zakhe abaprofethi.*

Netekisi lami (uma ngingalibiza kanjalo) namuhla ebusuku yilokhu: *Yiso Lesi isiBonakaliso sokuPhela, Mnumzane na?*

Sonke siyazi ukuthi siphila esikhathini esiyinkazimulo seBandla, kepha isikhathi esesabekayo kongakholwayo. Futhi siphila kwesinye sezikhathi eziyingozi kakhulu kunazo zonke—kuzo zonke esezake zaba khona selokhu kwaqala umhlaba. Akukho mprofethi, akukho mpostoli, akukaze kubekhona isikhathi, owake waphila esikhathini esinjengalesi esiphila kusona manje. LOKHU NGUKUPHELA.

Kulotshiwe ezibhakabhakeni. Kulotshwe phezu kobuso bomhlaba. Kulotshwe kuwo onke amaphephandaba. LOKHU NGUKUPHELA-uma ungawufunda umbhalo wesandla. Abaprofethi baphila esikhathini lapho umbhalo wesandla wawusodongeni wesizwe, kodwa siphila lapho umbhalo wesandla usodongeni we SIKHATHI. Zonke izizwe, umhlaba, konke-isikhathi sesisekugcineni. Ngakho sifanele sihlole imiBhalo ukuthola ihora esiphila kulo.

Njalo, umprofethi weqiniso kaNkulunkulu uyoya emiBhalweni. Ngakho-ke unoqobo ukuthi kuzoba ngaleyondlela. ETestamenteni eliDala uma abaprofethi besho noma yini, kwakubakhona umprofethi njalo ndawo thizeni owayeba neZwi-owayehlala neZwi. Wayebheka uNkulunkulu ngemibono. Futhi uma umbono wakhe wawuphambene neZwi; khona-ke umbono wakhe wawuba liphutha. Leyo yindlela kaNkulunkulu yokuthola iZwi laKhe kubantu baKhe. Niyezwa emuva le kulungile.

Kunzima ukuthi ngizoqalaphi. Manje, kube yinhlanhla enkulu kimi ukwazi ukuthi leli itabernakele laba yibandla lami lokuqala. Kuyinto eyinkazimulo. Futhi angisoze ngakhohlwa noma nginga . . . UJesu engakafiki futhi ngiphila amakhulu eminyaka ubudala. Ngiyolukhumbula usuku engabeka ngalo itshe legumbi, laphaya ekhoneni, nombono Anginika wona ngalokho kusa, walelitabernakele. Futhi nonke niyakhumbula. Kulotshiwe ezincwadini. Futhi ngokoqobo kugcwaliseke ncamashi. Akukho nokukodwa okuncane kwakho okugejileyo.

Futhi manje, angikholwa ukuthi kukhona noma yini Ayikhulumileyo, kuyo yonke leminyaka yokuphila kwami, engayikhuluma kubantu, kepha kufezekile. Futhi abantu abaningi bafike namaphupho Angazise wona, ngomusa waKhe, ngawachazela abantu. Futhi abaningi ufike namaphupho nanezinkinga engingakwazanga ukukuchaza.

Kepha angikaze ngizame ukunivezela nina bantu umkhutshana, onazo zonke izimpendulo. Ngizamile ukwethembeka nokunitshela obekuliqiniso, futhi nginganitshela kuphela, njengalokhu Engitshelile. Futhi njengalokhu kufike kimi, nginganitshela lokho-ke.

Futhi ngifuna ukunexwayisa. Kulolusuku esiphila kulo, kuningi . . . hhayi . . . angisho lutho oluphambene nabantu, kepha uma ubona umuntu onempendulo kukho konke, lokho kuphambene neZwi.

UJesu wathi, “Babebaningi abanochoko ezinsukwini zika Eliya, kepha munye kuphela owaphiliswayo.” Eminyakeni eminingi amashumi ayisishiyagalombili kumbe ngaphezu kwalokho u Eliya ephila. Futhi munye onochoko owaphiliswayo. Bebaningi abafelokazi ezinsukwini zika Elisha, kepha wathunyelwa koyedwa kuphela. Futhi siyathola ukuthi ziningi izinto azenzayo uNkulunkulu, nokuthi Akazembuli ezincekwini zaKhe, futhi ayikho inceku enkulu kuneNkosi yayo. Kanti-ke, uNkulunkulu akayikwabelana namuntu inkazimulo yaKhe. UnguNkulunkulu. Futhi nxa inceku iba yindawo ukuba izame ukuthatha indawo kaNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu uyakuthatha ukuphila kwakhe amsuse amuse ndawo thizeni, kumbe okunye. Kufanele sikukhumbule lokho.

Manje, kuleyomibono nezincazo...Ngingeze ngayisho incazo yephupho ngize ngibone kahle ngempela, ngombono, ukuthi iphupho beliyini. Futhi iningi lenu niyazi ukuthi ningitshele iphupho lenu, futhi ningalisho ngisho lonke. Futhi lapho ngibona iphupho libuya liza kimi, ngangiphenduka futhi nginitshele ukuthi kubekhona okuningi okushiyileyo, bese ngikutshela ukuthi yini okushiyile kulo. Niyazi ukuthi lokho kuliqiniso. Uma lokho kuliqiniso thanini, "Ameni." Niyabo. Izinto eningangitshelanga zona. Ngakho-ke niyabo, kunjengo Nebukhadinezari owathi, "Uma ningenakungitshela ukuthi ngiphupheni, pho ngizokwazi kanjani ukuthi ninayo incazo yalo na?"

Kodwa konke lokhu kucabangela, akufanele sikuthathe bese sithi, "ISHO KANJE INKOSI." Asifanele ukwenza lokho. Sifanele sibe nephimbo eliqonde ngqo (impendulo evela kuNkulunkulu) ngaphambi kokuba sithi nguNkulunkulu. Hhayi ukucabangela. Hhayi ivuso. Akunandaba ukuthi lifuqa kangakanani, ungahle uthi, "Ngikholwa ngukuthi kungaba kanje," kodwa nxa ukhuluma, "ISHO KANJE INKOSI," akusuwena. Qaphela emsamo. Senake nakubona kwehluleka na? U ISHO KANJE INKOSI uphelele. Awukaze uhluleke. Futhi inqobo nje uma kungu, ISHO KANJE INKOSI, kungeke kwehluleke.

Kepha kuze kube manje Usangivikele, ngoba ngilinde kuYe. Angizamanga ukufuna ukwaziwa, kumbe udumo oluyize lomuntu. Ngizame ngakho konke ukuphila ngokuthoba, futhi ngaphila uhlobo lwempilo engicabanga ukuthi umKristu ufanele ukuluphila. Futhi angikwazanga ukwenza lokho phakathi kwami uqobo, kepha Ukwenzile, kuze kube yilolusuku. Njengoba ngisho, ukuthi nguYe Ongiholileyo.

Kuningi obekungashiwo ngalendlela, kodwa kungathatha isikhathi eside. Kodwa nonke niyazibona lezizinto. Futhi okuyisona sizathu kuphela esingenze ngathi thanini, "Ameni," esikhashaneni esadlulileyo-nina bantu, eningitshele amaphupho, bese ngifika nginitshele ukuthi yini eniyishiyileyo-ngoba lomlayezo uyaqoshwa-abantu bezizwe zonke bayokuzwa lokhu, futhi uma bezwa lowo "Ameni," khona-ke bayazi ukuthi kukhona amaphimbo lapho ahlezi ngaphansi kwalentshumayelo, abazi kangcono kunokwenza noma yini eliphutha, kumbe ukuthi "Ameni" entweni eliphutha. U ameni ungukuthi, akube njalo. Kungukukuvuma.

Manje, yonke impilo yami, kusukela ngisengumfanyana, kubekhona okukade kungihlupha. Futhi bengiyilokhu nginempilo engejwayelekile, kulukhuni ukukuqonda. Ngisho nomkami anwaye ikhanda lakhe athi, "Bill, angikholwa ukuthi ukhona ongakuqonda."

Futhi ngathi, "Nami angiziqondi," ngoba ngiziyisa ngizinikela uqobo lwami kuKristu eminyakeni eminingi eyedlulayo. Nguye oholayo. Angizami ukukuqonda. Ngivele ngiye lapho Engiholela khona, ngokwazi kwami konke.

Ngiyabonga ngokuba nenkosikazi emangalisayo nabantwana—nangomkami nabantwana onokungethemba ukuthi anginakubatshela noma yini engesiyo. Ukuthi bayakholwa. Ngasosonke isikhathi uma ubatshela noma yini, babambelela kuyo ngqi. Bayazi ukuthi angeke ngibatshele noma yini engesiyo. Pho ngingamtshela oyedwa wabantwana bakaNkulunkulu okuliphutha, pho? Hhayi ngamabomu, qha mnumzane. UNkulunkulu ufuna abantwana baKhe babe sekuqeqeshweni okuyikhonakhona. Futhi ube qotho kubo ube neqiniso kubo, futhi Uyokubusisa, ngiyakholwa.

Manje, selokhu kwasuka phansi ohambweni, bekuba khona izinto ezenzekayo ebengingaziqondi. Futhi enye yezinto engangingayiqondi kwakulapho ngisengumfanyana, naleyomibono yafika phezu kwami. Ngangiyibona futhi ngitshele abazali bami izinto ezazizokwenzeka. Babecabanga ukuthi nganginokwethuka nje. Kodwa into engejwayelekile, kwakwenzeka ngaleyondlela Okusho ngayo impela. Uthi, "Ngabe lokho kwakungaphambi kokuphenduka kwakho na?"

Yebo. "Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka," kwasho iBhayibheli. Uzalelwa inhloso ethize kulelizwe. Futhi awu . . . Ukuphenduka kwakho akulethi iziphiwo-zibekelwa wena kusukela emaphakadeni.

Manje, futhi ngasemgwaqeni futhi ngenkathi ngisengumfanyana ukulangazelela kwami kwa—Ngangingeneliswa yizwe engangihlala kulo. Ngalangazelela, ngandlela thize, ukuya entshonalanga.

Futhi ngahlinzwa khona, ngenkathi ngidutshuliwe, ngenkathi ngisengumfanyana. Futhi ngenkathi ngiphaphama ekwenziweni imizwa ibe ndikindiki kokuqala, ngacabanga ukuthi ngangisekuhlushweni—ngehla. Isidikizisamizwa sangiqulekisa. Ngangiquleke amahora ayisishiyagalombili, ngiyacabanga. Babekhathazeka ukuba bangivuse kubuye umqondo futhi. Babenomthungo omkhulu ungenasinqanda-kuvunda—igazi. Yomibili imilenze yadubuleka cishe yafahlazeka ngesibhamu esifishane—umfanyana ongumngane wadedela isibhamu sakhe sadubula.

Kwase kuthi ezinyangeni eziyisikhombisa kamuva, ngathatha esinye isidikizisamizwa, futhi lapho sengiphapheme kulokho kwenziwa imizwa ibe ndikindiki, ngangicabanga ukuthi ngangimi phandle ezinkangala zasenyakatho nesiphambano esikhulu segolide esibhakabhakeni, neNkazimulo kaNkulunkulu ikhanyisa phansi ivela kuso, mina ngimi lapho kanje.

Lapho ukuKhanya, enikubonayo esithombeni namhlanje ebusuku, okufakazekile ukuthi kuyisiDalwa saPhezulu ngocwaningo lwesayense . . . Kimina kwakungukuKhanya okufanayo okwashaya uPawulu oNgc. wawa phansi. KwakungukuKhanya okufanayo okwahola abantwana bakwa Israyeli, ngasebusuku. Niqaphelile, lapha, leNgelosi, Yayembethe ifu. Niyabona, Yayiyifu ngasemini.

Manje, lokho kuKhanya okufanayo—njengakubantu abangaqondiyo, umcabango wokuqala ukuthi kwakuliphutha—ukuthi ngangisho lokho nje. Kodwa uMoya oNgcwele wenzeka ukuba ube namathuluzi esayense, nabantu lapho, ukuqinisekisa, futhi bathatha isithombe saKho izikhathi eziningi. Ngathi, "Ngibona umuntu esibekelwe ngukufa"—ithunzi elimnyama phezu kwabo.

Emavikini ambalwa edlule ngenkathi ngisedolobheni, futhi ngenkathi sishumayela . . . Awufanele ukuthwebula izithombe, niyazi, ngenkathi besashumayela futhi lapho . . . (Into efanayo yayinjalo ngenkathi lokho kuthwetshulwa) Kodwa omunye wayenomshini wokuthwebula izithombe. Futhi ngathi enenekazini elalihlezi lithe qekelele lapho, isihambi, (NgangiseNingizimu Pines) ngathi, "Kukhona ithunzi phezu kwaleNkosazana sibani-bani (intombi engingakaze ngiyibone empilweni yami). Usanda kubuya kudokotela futhi nemidlavuza emibili, owodwa ebeleni ngalinye, futhi usudeliwe. Usibekelwe ngumgaxo omnyama wokufa."

Futhi into ethile yathi kudade owayehlezi ngakulowo owayenomshini wokuthwebula izithombe okhanyisayo, yathi, "Thwebula isithombe." Futhi wayengafuni ukukwenza. Nokho, "Thwebula isithombe," futhi waqhubeka waziba. Kwaphinda futhi kwafika. Wayesedumela umshini wokuthwebula izithombe wayesethwebula isithombe, futhi nakho, ngobuchwepheshe. Kusebhodini yezaziso. Ithunzi elingumgaxo omnyama.

[Lesisithombe siphindwe savezwa kwi Vol.2, No.8 yeZwi ELIKHULUNYIWE, ebizwa ngokuthi *U Pawulu, isiboshwa sikaKristu*—Umhl.]

Kwase-ke, lapho owesifazane ekholwa kwenziwa nomthandazo, isithombe sathwetshulwa ngqo emuva emva kwalo—sacaca. Ngathi, "Ithunzi selihambile." Intombi iyaphila ngomusa kaNkulunkulu.

Niyabona ukuthi ngichazani na? Uma uzokhuluma iqiniso—ungahlekwa okwesikhashana, ungake ungezwisiswa okwesikhashana, kodwa uNkulunkulu uyokuqinisekisa lokho, ukuthi kuliqiniso, uma nje uzohlala nakho. Ubambelele nje. Kungahle kuthathe iminyaka, njengaku Abrahama nabanye, kodwa Uyohlala njalo ekwenza kube liqiniso.

Ngenkathi leyongelosi lapho . . . futhi ngiyethemba, ngaphandle komkami, kukhona abantu lapha namhlanje

ebusuku kusukela eminyakeni engamashumi amathathu eyadlulayo ababemi eduzane ngenkathi lokho kwehla . . . Ngabe ukhona kubalaleli manje owayelapho ngenkathi iNgelosi yeNkosi, eyehla emfuleni okokuqala, phambi kwabantu, phakamisani izandla zenu. Yebo, nampo. Niyabo. Manje ngibona uNkz. Wilson ephakamise isandla sakhe. Wayemi lapho. Umkami laphaya—wayelapho. Angisazi ukuthi ngobani abanye ababemi onqenqemeni lapha, phambi kwabaningi, abantu abaningi, ngenkathi ngibhaphathiza ngele 2 nqo ntambama, futhi khona impela ezibhakabhakeni ezisathusi, lapho okwakukade kungekho khona mvula iviki, lapha Yafika ngokuduma. Yathi, "Njengo Johane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uthunyelwa nomlayezo ukwandulela ukubuya kwesibili kukaKristu."

Amadoda amaningi ayevela kosomabhizinisi bedolobha ayemi onqenqemeni angibuza ukuthi bekuchazani. Ngathi, "Bekungesikhona okwami lokho, kungokwenu, ngiyakholwa. Kwasuka kwahamba. Futhi ngenkathi leyoNgelosi isuka uma ukhumbula Yaya ngasentshonalanga ngenkathi Yenyuka. Yavele yaphuma, phezulu ngaphezulu kwesicongo sebhuloho, yase iya ngasentshonalanga.

Kamuva ngahlangana nosonkanyezi, okungukuthi yiSazi. Futhi zangitshela ngomthala wezinkanyezi ezaziqoqelene ndawonye esimweni esithize somthala ngenkathi izazi e Babiloni zabuka phansi ngase Palastine lezizinkanyezi ezintathu zisemthaleni—nike nangizwa ngikusho izikhathi eziningi. Niyazi ukuthi kufakazekile kulamaviki okugcina amabili ukuthi kuliqiniso na?

Mfowethu Sothmann, uliphethe lelophepha namhlanje ebusuku, noma yikuphi lapho okhona na? Kusephepheni—ikhasi lephepha langeSonto, kuDisemba ziyi 9. Ukuthi intatheli yaya ngale lapho futhi bavumbulula zonke lezizinto futhi empeleni siphila manje . . . kufakazekile, ukuthi lonyaka ozayo ungu 1970. Kwedlulwe ngeminyaka eyisikhombisa ngokuvumbulula amadwala, futhi kwafakazwa ukuthi kuliphutha. Isikhathi sesedlule kunanoma ucabanga!

Angimbonanga uMfowethu Fred, ngandlela thize. Mfowethu Sothmann, ngabe ukhona na? Uliphethe iphepha, Mfowethu Sothmann na? (Unalo iphepha.) Mhlawumbe ngizokucela ulifunde kusasa ebusuku. Asinaso isikhathi kulobubusuku.

Ngakho, ungabona uqaphele, impela. LezoZazi, iZazi ezingamaJuda, phezulu e Babiloni, zicwaninga izinkanyezi, zabona lezozinkanyezi ziwela emthaleni wazo, futhi sezikwenzile, zazi ukuthi uMesiya wayesesemhlabeni. Futhi nakhu zifika e Jerusalema zihuba, (uhambo lweminyaka emibili) "Uphi Lowo Ozelwe eyiNkosi yama Juda na?" Phansi

phezulu zihamba ngemigwaqo, futhi ngani, u Israyeli wazihleka. Lesisixuku sezinhlanya. Babengazi lutho ngakho. Kodwa uMesiya wayesemhlabeni. Namanje . . . niyayazi indaba yonke—ukuthi bathini. Manje, sizokufunda lokho kusasa ebusuku.

Manje, ukuza kulokhu—ukuthi imibono ayehluleki, ngoba ivela kuNkulunkulu. Futhi kuyo yonke indlela bekuyinto ethile ingidonsa, ingidluthula. Kwathi-ke, lapho lesoSazi singitshela lezozinto ngenkathi ngisengumfanyana nje—umqaphi wezinyamazane . . . (kumbe ngaphambi kwalokho, ngikholwa ngukuthi kwakulapho) ngalezizinto futhi kwangethusa, ngoba ngangisesaba iSazi kulokho esasiyikho. Kodwa kamuva ngathola ukuthi iZazi zaseBhayibhelini sasiqinisile, ngoba uNkulunkulu ukumemezela eZulwini ngaphambi kokuba Akumemezele emhlabeni—uqaphele leyomizimba yasezulwini.

"UNkulunkulu akabheki ubuso bamuntu ezizweni zonke," kwasho u Petro. "Kepha manje labo abaMesabayo, ezizweni zonke uNkulunkulu uyabemukela."

Futhi siyathola-ke . . . Ngizame ukuyekela umcabango kodwa . . . O kungathatha amahora ukungena kukho, ukuthi njalo ba—kwakuhamba ngaleyandlela, kuhambe ngaleyandlela, kodwa ngangikwesaba. LesiSazi sathi kimi, "Awusoze waba nempumelelo eMpumalanga." Sathi, "Wazalwa ngaphansi kwesibonakaliso." Futhi sathi, wena, "Lesosibonakaliso, lowomthala wezinkanyezi, ngenkathi zinqamula ziphumela phakathi laphaya, ngosuku lokuzalwa kwakho, zazilengela ngasentshonalanga, futhi ufanele uye ngasentshonalanga.

Ngathi, "Khohlwa yilokho." Angihlangene nakho. Futhi njalo naphezu kwalokho, nokho lokho akusukanga enhliziyweni yami.

Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngisenhla lapho ngalobobusuku mayelana nalemibono, angiqondanga. Abazalwane bami bama Baptisti bangitshela ukuthi lokho kwakungokwedemoni. Futhi kwase kuthi-ke ngenkathi leyoNgelosi ibonakala, yakuphonsa emBhalweni uqobo futhi yathi njengoba kwakunjalo ngalesosikhathi, lapho abapristi babephikisana ngezinto—bengazi ukuthi nhloboni yamajazi ababefanele bayigqoke, izingubo, nakhokonke, futhi bephikisana ngokungaboni kwabo ngasolinye—iZazi yayilandela inkanyezi eyayiholela kuKristu.

Ngenkathi abashumayeli bethi uJesu wayengumkhohlisi, u Belzabube, idemoni lasukuma lathi, "Siyakwazi ukuthi Ungubani—UngoNgcwele kaNkulunkulu. Yini ukuba Uzosihlupha ngaphambi kwesikhathi na?"

Ngenkathi u Pawulu no Sila behla beshumayela iVengeli, umbhuli omncane, ehlezi emgwaqeni . . . nabashumayeli bakulelozwe bathi, "Lamadoda angabakhohlisi. Ahlakaza amabandla ethu, nokunjalo, agumbuqela izwe ngokonakala kwawo."

Kodwa kwenzekani na? LesoSazi esincane (lowombhuli omncane) sathi. “Lawa ngamadoda kaNkulunkulu asitshela indlela yokuphila.”

Futhi u Pawulu wawuthethisa lowomoya kuyo. Akazange adinge lusizo lokufakaza ukuthi wabe engubani. UJesu wayehlala njalo ewatshela ukuba athule. Kodwa kuyakhombisa ukuthi amademoni ngezinye izikhathi lazi kakhulu ngezinto zikaNkulunkulu kunoma kwazi abashumayeli. Baba ngababoshwe kakhulu ngubufundisi. Kwakunjalo eBhayibhelini, noNkulunkulu akaguquki.

Ngelinye ilanga, ngehla eminyakeni emihlanu eyedlulayo ngivela kwaMfowethu Norman, ngangishayela ngehla ngomgwaqo. Ngangikade nginenkonzo nje enhla laphaya, neNkosi uNkulunkulu wabonakala kimi ngombono. Futhi ngangihlezi phambi kwesango lami, enhla lapha endlini yami. Futhi kwakubonakala kunesimo sezulu esibi.

Iningi lenu bantu lizowukhumbula umbono. Ulotshwe encwadini yami yemibono. Ngayibhala phansi ukuze ngibe nesiqiniseko ukuthi angiyikhohlwa.

Futhi kulombono ngabona, kwakukhona okuthile okwedlula endleleni engumhubhe, futhi kwakukhona amatshe ayegcwele egcekeni lami. Futhi kwakukhona imishini yokuhlelemba umgwaqo neziphala-mgwaqo yehla yenyuka ngendlela engumhubhe, nezihlahla zazigawulwe zawa zasishulwa. Futhi ngaqala ukuphenduka ngingene esangweni, futhi lonke lalivinjwe ngamatshe. Futhi ngaphuma ukuba ngithi endodeni, “Kwenziwelani lokhu na?” futhi yavele yaba yimpi. Yangihlohlolozela emuva yayisithi, “Ninjalo nina bashumayeli.”

Ngathi, “Ngiyakubuza kuphela, ukwenzelani lokhu na? Uwelela ngasecaleni lami lomgwaqo, lapha. Ukwenzeleni lokhu na?” Futhi wacishe nje wangishaya ngempama, futhi wangihlohlolezela emuva.

Futhi ngacabanga, “Ngizovele ngimtshele ukuthi akazi ukuthi ukhuluma ngani,” nephimbo lakhuluma futhi lathi, “Ungakwenzi lokho. Ungumfundisi.”

Futhi ngathi, “Kuhle kakhulu.”

Futhi ngaphenduka, futhi ngakwesokudla sami, ngihlezi phambi kwesango, kwakukhona inqola endala ebanzi emboziweyo. Niyazi ukuthi yini—inqola emboziweyo, ihhukwe emahhashini. Futhi owayehlezi ebhekene necala lomshayeli kwakungumkami. Futhi ngabuka emuva ngemuva, nabantwana bami babehlezi emuva lapho. Ngakhwela enqoleni. Ngathi kumkami, “S‘thandwa, ngimele konke engingakumela.”

Ngase ngithatha izintambo, ngadonsa ihhashi eliyifolosi, ngaqala ukubheka ngasentshonalanga. Nephimbo lathi

kimi, "Uma lokhu sekufezeka, khona-ke suka ubheke ngasentshonalanga.

UMfowethu Woods, umakhi lapha ebandleni lethu, nomphathi . . . Bangaki abawukhumbulayo umbono manje na? Niyakhumbula nginitshela na? Impela. Kubhalwe phansi ephepheni. Futhi ngathi kuMfowethu Woods . . . Wayithenga ebandleni lendawo ephakathi kwalapho. Wayezokwakha indlu yamatshe lapho. Ngathi, "Ungakwenzi, Mfowethu Wood, ngoba abasoze bakunike imali yakho kuyo." Mhlawumbe kumbe . . . sekuyiminyaka eyadlulayo—iminyaka emihlanu eyedlulayo—ngathi, "Mhlawumbe bazoliletha baledlulise lapha lelobhuloho, futhi lawomatshe mhlawumbe ayeyikamelo lami elingaphansi liqhunyiswa nokokuhamba kwami nezinto ezibekwe phandle lapha. Esikhundleni sokuba ngamatshe, kwakuyizigaxa zokhonkolo, ngakho-ke lokho bazokubeka phansi lapha; ngoba bathe ephepheni yilokho abebezama ukukwenza. Kuhle, akazange ayakhe. Ekugcineni banquma cishe emva konyaka, kumbe emibili, babezoliletha lehlele ngapha. Ngakho kwenzeka kanjalo, ngakho ngavele ngakukhohlwa, ngakuyeka.

Manje, into exakile yenzeka cishe onyakeni owedlulayo. Nganginezinkonzo ubusuku obubodwa ezansi kwaMfowethu Junior Jackson, ohlezi lapha, umfundisi oyiMethodisti osemukele uMoya oNgcwele, futhi wabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, futhi ungumelusi kwelinye lamabandla akithi elingudade.

Ukunikhombisa nje ukuthi uNkulunkulu usebenza kanjani ngalababantu—ngikusho lokhu ngenhliziyo yami yonke—angazi nganoma yiliphi elinye ibandla emhlabeni wonke, ibandla elisazophinde lihlangane, lapho engikholwa khona ukuthi uMoya kaNkulunkulu ukhona kunakulelibandla. Anokwehlukana kwawo. Awekho ngempela lapho okufanele abe khona, akukho namunye wethu, kodwa asondelene njenganoma ngubani engimaziyo.

Manje ukunikhombisa, ngazi ukuthi kwakuzokwenzekani, uMfowethu Jackson waphupha iphupho. Alisukanga kuye. Futhi ngangishiya ibandla lakhe, futhi akakwazanga ukukumela.

Sekuyisikhathi esingakanani kwenzekile Mfowethu Jackson na?

[UMFOWETHU JACKSON: ngaba nephupho ngo Febuwari ka '61.—Umhl.]

Ngo Febuwari ka '61 waba nephupho. Futhi wafika kimi, futhi wathi, "Kukhona okusenhliziyweni yami, kufanele ngikutshele, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Qhubeka, Mfowethu Jackson."

Wayesethi, "Ngaphupha iphupho," futhi nanto! Ngavele ngahlala ngathula. Futhi ngalalela ngabheka.

Wathi, "Ngaphupha kukhona igquma elikhulu elibanzi, njengaphandle endle lapho okwakukhona utshani obuluhlaza okwesibhakabhaka, kumbe enye into." Futhi wathi, "Phezulu esicongweni saleligquma, lapho amanzi ayegugule khona umhlabathi, kwakukhona idwala eliphezulu esicongweni segquma; njengesicongo sentaba. Kwakulidwala, kungekho tshani. Futhi lapho amanzi ayegugulele ezansi, kwakusike omunye umbhalo kulamatshe, futhi wawumi lapho uhumusha lombhalo kulamatshe." Wathi, "Sonke . . . " (futhi nansi indlela alibeka ngayo: "Abazalwane base Georgia, nasemaphethelweni onke, sonke sasimi ndawonye, sikulalele uhumusha lowombhalo oyimfihlakalo kulawomatshe . . . leyontaba."

Futhi wathi, "Wase-ke uthatha into ethize, esengathi ivela emoyeni, into enjengensimbi yokugwabula, kumbe isigwadlulo," kwakungesiso, mfowethu na? Into efana nalokho—insimbi yokugwabula. Ecije ngempela, futhi wayesethi, "Ukuthi wakwenza kanjani, angazi. Futhi wathi washaya isicongo saleyontaba, wasiqeqebula nxazonke, wase uphakamisa isivalo usisusa. Kwakumisise okwesivivane. Futhi waqeqebula isicongo sayo wasisusa." (Manje kwakusasele izinyanga ngezinyanga ngezinyanga ngaphambi kokushunyayelwa komlayezo wesivivane.) Futhi wathi, "Ngaphansi kwalokho kwakukhona itshe elimhlophe, igwadle, futhi wathi, 'Ilanga, kumbe ukukhanya, akukaze kukhanye kulokhu phambilini. Ubuka phakathi kulokhu. Ubhekisisa lokhu'."

Futhi kunjalo, ngoba ekubumbekeni komhlaba, umhlaba wabunjwa ukukhanya kungakabibikho. Sonke siyakwazi lokho. UNkulunkulu wahamba phezu kwamanzi, kwase kuthi-ke ekuqaleni Wakhuluma kwaba khona ukukhanya. Futhi ngokwemvelo, phansi ngaphansi kwalapho ngonyaka okwabunjwa ngawo, lokho kukhanya kwakungakaze kufike phezu kwalelotshe.

Futhi wathi, "Ebuka kulokhu. Ukukhanya akukaze kufike phezu kwakho ngaphambilini." Futhi lapho bonke sebesukuma, futhi ngabatshela ukuba baqaphele lokho, futhi bonke bakhuphuka ukuzobuka phakathi. Kodwa wathi ngesikhathi besabuka phakathi, wabuka phandle nganhlanye leso lakhe (ngikholwa ngukuthi kwakuyilo) wase engiqaphelisisa. Ngahosheleka ngakwelinye icala ngase ngiqala ukuya ngasentshonalanga; ngasekushoneni kwelanga, ngakhuphukela egqumeni, ngehla egqumeni, ngakhuphukela egqumeni, ngehla egqumeni, ngiya ngokuba mncane mncane, ngahamba ngaze ngasithela emehlweni.

Futhi wathi, kwathi-ke sengenze lokho . . . wathi, "Base beguquka-ke abazalwane, emva kwesikhashana, bathi, 'Ngabe unyamalele na? Uye ngaphi na?" Futhi wathi abanye bathatha leyondlela, abanye bahamba ngendlela eyodwa, nabanye

bathatha enye, kepha baba yingcosana impela abasala babuka lokho engangibatshele khona.

Manje qaphela, incazelo yephupho, engingakaze ngimtshele nokukodwa, kumbe akukho nakunye kwalokhu engake ngamtshela noma yimuphi wabo. Kodwa ngathi, "Yebo," nenhliziyo yami inyakaza. Ngangiqaphele. Manje, umbhalo oyimfihlakalo . . . manini ngizoke ngithi ukulishiya kancane nje.

Esikhathini esingeside esedlulile uMfowethu Beeler . . . UMfowethu Beeler uvamise ukuba abenathi. Ngabe ukhona Mfowethu Beeler na? Yebo, emuva lapha. UBilly uthe, "UMfowethu Beeler udabuke kakhulu. Ubenephupho elixakile." Ngaya kuMfowethu Beeler, futhi wathi (ezansi endlini yakhe ngobunye ubusuku ngenkathi ngihambela izimemo). Futhi wathi, "Mfowethu Branham, ngibenephupho elixakile. Wathi ngaphupha ngehla ngomgobhozo wamanzi ngibheke ngasentshonalanga. Futhi kwakukhona umgwaqo ngakwesokunxele, futhi ngangingakwesokunxele, ngihamba ngasentshonalanga yomgwaqo, kubonakala sengathi, ngicinga izinkomo. Futhi ngakwesokudla (ngaqala ukubhekisisa emva kokuba sengehlele lapho) wawulapho. Futhi wawukaka umhlambi omkhulu wezinkomo, futhi kwakukhona okuningi ukudla kwemfuyo ngapho. Wathi-ke wathola lezozinkomo wase uqala ukuzibuyisela emuva zenyuka ngomfula." Futhi kwakusengathi (sengathi ngamtshela ngokunqekuzisa ikhanda ukuthi akabogada lezozinkomo) wathi, "Manje kuyobalula kulezozinkomo, ngiyazi ziyohamba ngendlela yokuzabalaza kancane, kodwa uMfowethu Branham ufuna zihlale ngakwesokunene salowomfula. Ngakho ngizohamba ngibuyele enhla ngalomgwaqo, ngizivimbe zinganqamuli umfula ngakulelicala futhi ngizigcine zingakulelocala," kodwa waqaphela, angizange ngizilandele izinkomo, kodwa ngaya ngasentshonalanga.

Wathi, "Kusho ukuthi ucinga ezedukile."

Engakaliqedi nje iphupho, ngalibona. Kwase kuthi-ke, qaphela, wathi wathi ukungibuka ngokungifisa, ngakho wabuyela emuva ukuyobuka. Futhi wathi ngangiza entabeni eqinile, khonamanjalo ngavele nganyamalala. Futhi wamangala ukuthi ngabe kwenzenjani. Wehla, wayenomfudlana ngakwesokudla sakhe owahlukana wabheka ngakwesokunxele (ngicabanga ukuthi kunjalo, Mfowethu Beeler). Yebo. Futhi waqaphela ngale kwecala lami kwakunezimpophoma ezesabekayo. Kwase kuthi-ke, wacabanga ukuthi kungenzeka ukuba ngingene kulezozimpophoma futhi ngabhubha. Waseqaphela-ke, futhi uthi waqalaza futhi wabona imiphumela yalezozimpophoma ezehla ngapha, futhi zazenza umthombo ophethuzayo ukuba utshazele phezulu, kepha amanzi ayengabuyeli emhlabathini. Wabuka ngaphesheya emchezukweni omncane, kumbe umfudlana omncane, futhi

ubona izilwane ezincane ezinezindlebe eziyindilinga. Wathi, "Ngikholwa yikuthi ngizothatha esisodwa." Futhi wayesewela.

Wabe esecabanga ngami. Futhi wenyukela egqunyanyeni elincane ukubuka ngale ukuba abone uma kwakukhona oluncane, oluwucwezana, unqenqema olungumngcingo okungahle ukuba ngihambahambe kulo, kodwa wathi, "Kwakungekho lutho." Futhi wakhathazeka, wathi, "Kwenzekeni kumfowethu na? Angazi ukuthi ngabe kwenzekeni kuMfowethu Branham na?" Futhi lapho esesaba, uthi wangizwa ngikhuluma. Ngangimi esicongweni sentaba, futhi ngamtshela uMfowethu Beeler incazelo yephupho engimnikeze yona esikhathini esingeside, futhi ngamtshela ukuba alinde eNkosini, ukuthi ngelinye ilanga ngiyohlangana naye esiqhingini futhi wayelapho.

Manje, incazelo yalelophupho yile: Njengoba umfudlana wawubanzi, kwakunguMfudlana wokuPhila. Ngangihamba kuwo ngibheke ngasentshonalanga, kanjalo naye, ngoba wayesemgwaqeni . . . wayegijima ehla ngalomgwaqo, futhi ngakwelinye icala kwakunotshani obuningi, kepha kunamaningi amahlashana, nameva, nomeno. Kodwa phakathi lapho kwakunotshani obuningi. Futhi yileyondlela esizingela ngayo iNkosi, nokudla kweNkosi, ngokwedlula ebunzimeni. Ukukaka izinkomo—kwakuyilelibandla. Ngizigcina ngakulelocala. Izinkomo eqinisweni ziyohamba emgwaqeni obushelelezi, amahlelo, uma engahamba—ngoba umgwaqo umele ihlelo.

Ngamqalisa emuva enhla emgwaqeni ukubona ukuthi abayi kunoma yiliphi ihlelo. Njengalokhu abona udonga, kwakungenakwenzeka sampela ukuba kwedluleke, lokho kwangivimbela ukuba ngingayi entshonalanga—kwakuyilelocala lentela nohulumeni. Akekho ongaqonda ukuthi ngaphuma kanjani kulona. Kwaba ludonga olwangivimbelayo, kodwa iNkosi ingiphumelelisa kulo, futhi ngedlula kulo. Futhi ngiyohlangana nawe, Mfowethu Beeler, esiqhingini.

Ngakho, manje kwathi ngokushesha emva kwalokho, Mfowethu Roy Roberson . . . Mfowethu Roy, ukhona lapha namhlanje ebusuku na? Yebo, ngiyakholwa . . . Yebo, ngale kwecala. Wangibiza, futhi wayenephupho. Waphupha ukuthi sasikaka izinkomo. (Manje lelo elesithathu.) Ukukaka izinkomo. Futhi kwakukhona utshani, obudephile obukhuluphele—ukudla okuningi. Sonke thina bazalwane sasindawonye. Futhi safika endaweni yokuba sidle, futhi uMfowethu Sothmann wasukuma wayesethi, "U Eliya, umprofethi omkhulu, uzokhuluma elapha namhlanje emini." Futhi kwathi lapho sonke sesidlile, wonke umuntu wasuka wahamba, futhi wamangala ukuthi kungani bengalindanga ukukuzwa kukhulunywa.

Manje, niyakubona lokho ukuthi kunqwamana kanjani ncamashi noMfowethu Jackson na? Niyakubona lokho ngqo, kushaya esikho nkosini kulokho okwashiwo nguMfowethu Beeler na? Akekho owalinda ukuba athole.

Qaphela, ngokushesha emva kwalokho, Dadewethu Collins . . . Ukhona, Dadewethu Collins na? Waphupha iphupho lokuba lapha ebandleni, futhi kwakuzobakhona umshado. Futhi lapho esekwenzile, wabona umyeni engena ephelele, kepha umakoti wayengaphelele kangako, nokho kwakunguMakoti. Manje, lelo yiBandla. Futhi kwakungathi kukhona isidlo, kumbe inkonzo, ilapha—sengathi kudekwe ukudla okukhulu. Kwaba sengathi kulandela yena ngoba uMfowethu Neville wayephaka ukudla okukhulu ebandleni, kodwa wathi kwakungukudla okuhle ngokwedlulele kunalokho asake wakubona. Wayelambe kakhulu. Kodwa wacabanga ukuthi mhlawumbe, ephusheni ukuthi owesilisa akafanele akuphake, futhi yena noMfowethu Willard babezohambela enhla eRanch House bayodla. Futhi lapho sebedla, ukukhanya ngakwesokudla kwaphuma. Manje niyazi ukuthi lokho kuyini.

Manje, ukudla—uMakoti akaphelele, kodwa uMyeni uphelele. UMakoti akakapheleli nokho, kodwa ukudla okwakunikezwa kwakungesikho lokhukudla kwemvelo, ngukudla kukaMoya ebenikade lokhu ninakho sonke isikhathi. Ake ngime lapha kuleliphupho lesine, okomzuzwana.

Animkhumbuli uMfowethu Fred Sothmann, uMfowethu Banks Woods, ngenkathi sihambele e Arizona ngonyaka odlule; ngenkathi siphumile sizingela izingulube amajavalina, neNkosi yakhuluma. Anizazi izinto Eyazenza ngokuphelele, ikhombisa okuyofezeka, sisahamba ngomgwaqo. Uma lokho kunjalo, nina bazalwane nobabili thanini, "Ameni." Akugeji neze.

Futhi ngabona embonweni ngenkathi sishayela ngelinye ilanga, umbono weNkosi wafika kimi, futhi ngangizilungiselela ngalesosikhathi, ngenkathi ngibuyela ekhaya, ukuba ngiye phesheya kwezilwandle. Futhi ngenkathi ngiya phesheya kwezilwandle, kuhle, ngabona emkhunjini . . . kumbe icala lolwandle, lapho imikhumbi yayiphume ngakhona. Futhi kwakukhona indoda encane emfishane lapho, futhi yathi, "Ngikulungiselele isikebhe, Mfowethu Branham." Futhi kwakuyisikejana esigwedlwayo esincanyana, esithi asibe—asibe yifidi ubude, kodwa sasimhlophe njengeqhwa. Futhi yathi kimi, "Lesi ngesakho ukuba ungene uwele."

"O," Ngathi, "Asanele."

Yathi, "Siyohamba amamayela angamashumi amane ngehora phansi phezulu ngapha." (Okusho phansi phezulu onqenqemeni.)

"Kodwa," Ngathi, "Singeke singiwelise." Yase-ke ibheka phansi, yayisithi, "Hamba njengoba behamba." Futhi ngabheka,

futhi kwakukhona uMfowethu Fred Sothmann noMfowethu Banks Woods behlezi esikebheni esigwedlwayo sipendwe ngokuluhlaza tshani, nezinye izindophi zokugxumeka ithende ngemuva kuso—uMfowethu Bank nesigqoko esipheqwe sabheka phezulu kanjena, uMfowethu Fred nezintwanyana zakhe ehhukwini. Futhi yathi, "Hamba njengabo."

Ngathi, "Qha, angeke." Nalendoda yathi kubo (indoda encane) yathi, "Ningabagwedli na?"

UMfowethu Banks wathi, "Yebo."

UMfowethu Fred wathi, "Yebo."

Kodwa ngathi, "Abasibo. Yimina umgwedli, futhi ngiyazi ngingevele nje ngikuhambele lokho, futhi ngineqiniso ukuthi ngingeke ngahamba ngaleyondlela."

Yathi, "Awuhambi ngani nabo na?" Ngathi, "Qhabo, qhabo."

Hhayi-ke, ngaphenduka, futhi sengiphendukile, indoda encane ekhumulweni lemikhumbi yaphenduka yaba sengathi, ngumfowethu olungileyo, uMfowethu Arganbright.

Futhi ngabuyela emuva kulombono, futhi kwakukhona isakhiwo esincane eside, lase lithi iphumbo kimi, (futhi nonke niyakukhumbula lokhu, kumbe abaningi benu) iphimbo lathi kimi, "Ngenisa ukudla. Kubekelele phakathi. Yiyona ndlela kuphela leyo yokubagcina belapha, kungukubapha ukudla." Futhi ngangenisa . . . ngangingenise emikhulu ebanzi imiphongolo igcwele amakherothi amahle ngokwedlulele nemifino emihle ngokwedlulele nezinto kwesengake ngazibona. (Niyawukhumbula, manje, umbono na?) Manje futhi nganitshela kamuva ukuthi incazelo yayiyini. Ngangifanele ukuya e Zurich e Switzerland noMfowethu Arganbright emhlanganweni wobusuku obuhlanu. Ngabatshela abazalwane ngaphambi kokuba kwenzeke, "Angizukuhamba."

Futhi ngangisezansi noMfowethu Welch Evans, ezansi laphaya, lapho kunikeza incazelo.

Ngobunye ubusuku, ngikholwa ngukuthi uMfowethu Welch wafika wangifica, (sasithatha uhambo lokuyodoba) futhi wathi uMfowethu Arganbright wayengibiza. Ngathi, "Kulungile, nakhu. Bazongiyekisa." Futhi izikhathi eziningi . . . (hhayi ngoMfowethu Miner—ungomunye wabangane abalunge kakhulu) kodwa ngezinye izikhathi, uma nje benga . . . uma becabanga ukuthi uzoshumayela into ephambene nemfundiso yabo, bavele bathi uzoba laphaya ukuze uthole abangane bakho lapho. Futhi bathi . . . UMfowethu Arganbright wangibizela enhla wayesethi, "Mfowethu Branham," (kanjengoba kwakusho uMoya nje) bathi, "woza, futhi uze nomkakho, ngoba awuzukushumayela kakhulu, ngoba ngicabanga ukuthi bakwabele ubusuku obubodwa." Futhi wathi, "Ungahle ungakushumayeli lokho."

Futhi ngathi, "Qha."

"Kulungile," kwathi, "Woza, wena nomkakho, wozani nonke, niyabo, futhi uma uza, ngizokuvakashisa. Umkami nomkakho, nabobonke, sizohamba sikhuphuke sedlule e Switzerland futhi sidabule phezu kwe Palastine."

Ngathi, "Qha."

Ngaba nayo incazo. Ngamtshela uMfowethu Welch kumbe uMfowethu Fred nabanye, "Ngizonitshela ekuseni, kodwa kuqala umkami uzosho okuthize." Futhi sengimbiza, wavele wenqaba ukuhamba. Ngathi, "Nakhu-ke." Uyabona.

Manje leso sikejana esimhlophe esincane kwakuyilowomhlangano owodwa. Kulungile ukuya noma kuphi lapha, onqenqemeni, nomhlangano owodwa, kodwa akwanele (nakuba kwakumhlophe kukuhle) ukungibizela ngaphesheya kwezilwandle.

UMfowethu Fred noMfowethu laphaya (bamelele embonweni) bamelele: behamba nj engesivakashi; ukuyozithokozisa. Kodwa angibanga nandaba ukwenza lokho. Nokubenqabela ukuba ngabagwedli—kwakuchaza ukuthi babengesibo abashumayeli. Kodwa kwakuyimina umshumayeli. Kanti-ke ukudla kuleso sakhiwo esincane eside—angizange ngiye phesheya kwezilwandle; futhi ngabuyela kulesisakhiwo esincane, futhi senza amadazini amateyipu ezivivane nakho konke, ukutshengisa abantu ihora esiphila kulo.

Manje qhathanisa ngisho lokho kanye namanye, amaphupho. Lona kwakungumbono. Ukudla; NAKHU. Yiyo le indawo.

Qaphelani, kwase kwenzekani-ke na? Kwase kuthi masinyane emva kokufika kwalowombono wesine, (kumbe iphupho lesine engatsheiwa lona) nakhu kwenyuka uMfowethu Parnell. Ukhona lapha ndawo ndawo. Khona lapha. Futhi u Billy ubengekho lapha, nendoda ibivukwe ngamadlingozi. Uvela e Bloomington ngiyakholwa noma e Bedford na? E Lafayette, ebambe izinkonzo. Futhi waba nephupho, futhi wehlela kuMfowethu Woods. Futhi wathi, "Ngeke ngingakusho lokhu. Ngifanele ngikusho. Kufanele ngimtshele uMfowethu Branham. Liyangihlupha." NoNkulunkulu uyazi, akukho phupho phakathi kwawo. Afika ngelokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha nje.

UMfowethu Parnell wathi, "Ngaba nephupho elixakile. Ngaphupha ukuthi ngangizoba nomhlangano enhla laphaya, kepha kwathi nje ngandlelathize kwabakhona umhlangano lapha ebandleni elinjengelisha." Futhi wathi, Lelibandla elisha, ukuthi liphuma kanjani, ukuthi wamangala ukuthi ayengakhothani ngani phakathi kwawo omabili, kumbe into efanayo naleyo. Futhi wathi wayemi lapha futhi wacabanga, "Awu, kade ngiphakathi lapha, ngizolinda nje, futhi ngizoba khona ezinkonzweni." Futhi wathi indoda yaphuma

endlini igqoke isudu ensundu nebhuku—ngicabanga ukuthi yayibhala. Futhi yatshela uMfowethu Parnell . . . Yathi, "Lona ngumhlangano oyinguyazana. Ungowamadikoni nabaphathi kuphela." Kulungile, wezwa sengathi unyathelekile kancane. Ngakho waphuma ngomnyango wendlu yokukhonzela entsha, indlu esanda kwakhiwa, kumbe yona lena ivuseleliwe—yalungiswa; futhi ngenkathi ephumela phandle kwakukhithika iqhwa—isimo sezulu esibi, isikhathi sasebusika. Futhi akukho namunye walababantu owayazi ngalokhu.

Futhi lapho ephuma ngomnyango, ngangimi lapho, ngibuka ngasentshonalanga. Futhi ngathi, "Ungazizwa unyathelekile, Mfowethu Parnell. Ngizokubonisa ukuthi ufanele wenzeni."

Futhi uMfowethu Parnell nabobonke abanye bayazi angikaze ngibatshele incazelo. KUYIMANJE NJE. Nokho kubonakala ngenkathi bekukhuluma. (Naqaphelisisa ukuthi ngaphuma masinyane kanjani lapho, Mfowethu Parnell, ukuze ngingakutsheli na?) Futhi ngakhuphuka angaze ngasho lutho kuMfowethu Woods kumbe nanoma ngubani omunye. Akukho muntu. Ngavele ngakushiya, ngoba ngangifuna ukubona ukuthi kwakuqondephi. Nike nangizwa ngithi kamuva, "Ngikhathazekile na"? Kwakuyilokho-ke.

Kwase-ke, uMfowethu Parnell, wathi ngathi kuye, "Mfowethu Parnell, qala, nendawo yokuqala oyofika kuyo kuyoba ngu Zipporah," Zipporah okuchaza ikhonco, kumbe u ngqi noma enye into. Ngathi, "Ungahlali lapho." Bese uya kokulandelayo, futhi uyothola isalukazi; futhi bese ungami lapho. Uhambe futhi, uyothola isalukazi esigugile impela—ungami lapho. Futhi ngaso sonke isikhathi sasikhuluma, sasihamba sidabula eqhweni. Futhi ngathi, "Hamba uze uthole umkami, futhi uma uthola umkami, UME LAPHO. Futhi uthi wabuka, futhi sasesiphumile eqhweni, ogwadule. Futhi ngase nginyamalele. Futhi wabheka emuva wayesebona umkakhe ephampa amanzi emthonjeni, nomunye umfundisi emdonsa, emdonsela ukumsusa ephampini. Wayemqaphele—wayesephaphama.

Nansi incazelo yephupho lakho: (Futhi ngangingakutshela ngalobobusuku, kodwa ngavele ngakuphebeza.) Njengoba kwakungu Zipporah, nesalukazi esisodwa, nesinye isalukazi, esiguge ngempela, ngempela—lawo ngamasonto. Niyabona na? Futhi uZipporah, empeleni engumkaMose—uZipporah—futhi siyaqaphela ukuthi ngamtshela ukuba angami kubona, akunandaba ukuthi babebadala kangakanani, babeyizinhlangano. Ungami kuzo! Basiphilile isikhathi sabo. Kodwa esefika kumkami, okuliBandla lami uJesu Kristu angithumele kulona kulolusuku lokugcina, futhi nanti! YIMA LAPHO! Futhi ngase ngihambe ngabheka ngasentshonalanga.

Kwase kuthi, uDadewethu Steffy (kungenzeka ukuthi akekho lapha ngoba kade esesibhedlela) angazi . . . Ngabe uDadewethu Steffy . . . Yebo, nangu. UDadewethu Steffy wafika emzini wami efuna umkhuleko ngaphambi kokuba aye esibhedlela ukuyohlinzwa, ukuthi uNkulunkulu amsize ambusise, futhi ngempela Wakwenza.

Futhi wathi, "Ngaba nephupho elixakile, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Yebo."

Futhi wathi, "Ngaphupha ngiphumele ngasentshonalanga futhi ngi . . . " (lelo ngelesithupha) futhi wathi, "Ngaphupha ngiphumele ngasentshonalanga, futhi kuyizwe eligingqikayo, futhi lapho ngibuka, kumi phezu kwegquma, kwakukhona ikhehla elidala impela linezintshebe ende emhlophe, izinwele elalinazo, zazikhule zalengela phezu kobuso balo, futhi lalizisonge ngokumhlophe—into—ingubo, umoya wawuyiphephetha." (Ngicabanga ukuthi kunjalo, Dadewethu Steffy, kanjalo.) Futhi wathi, "Ngaqhubeka ngasondela; lalimi phezulu esicongweni sentaba, libuka ngasempumalanga." Futhi wathi, "Ngamangala, 'Ubani lelikhehla na?" Wayesethi ukusondela, wasondela, futhi lapho esesondele, waqonda ukuthi kwakungubani. Kwabe kungu Eliya ongasayikufa, umprofethi, emi phezulu lapho ebuka empumalanga.

Wathi, "Kufanele ngimbone!" (Wayenesidingo!) Futhi wagijimela phezulu egqumeni wayesewa phansi lapho ukuba akhulume naye negama lika Eliya, futhi wathi lapho ekhuluma, wezwa iphimbo lithi, "Ufunani, Dadewethu Steffy na?" Futhi kwakuyimi.

Iphupho lakho lagcwaliseka khona lapho, Dadewethu Steffy. Ngokuba, ngokushesha emva kwalokho, ngaya e Louisville. Owawukudinga kwabe kungumkhuleko—ukubona ukuthi uphumelele kahle esibhedlela; nesibonakaliso sami ngiya ngasentshonalanga, ngibuka ngasempumalanga, ngenxa yomhlambi wami.

Qaphela, ngenkathi . . . Ngaya e Louisville, futhi lapho sengibuya, ngathi sengiqala ukuya ngasesangweni, futhi kwakukhona izingojwana ezazishayelwe phezu kwesango lami. UMnu. Goynes, womgwaqo wedolobha lapha, wayekhuphuka ngomgwaqana ongumhubhe. Wathi, "Billy, woza lapha." Wathi, "Kuzofanele ugudluze amasango akho nezinto—uthango, uthango lwamatshe, namasango.

Ngathi, "Kuhle, kulungile Bill." Ngathi, "Ngizokwenza. Nini na?"

Wathi, "Ngizokutshela. Ngizokwazisa ukuthi nini."

Ngathi, "Kulungile, ekuqaleni konyaka bazoqala ukukwenza."

Ngathi, "Kulungile."

Ngakho ngaqala ukubuyela endlini, nonkosikazi wathi, "Kuzofanele ngihambe ngiyothenga igrosa ngokushesha nje." Ngehla ngomgwaqana ongumhubhe, nomfana, u Raymond King, ongunjiniyela wedolobha—ngangihlale ngimbiza ngo "Mud Ear" ngoba ngesikhathi sisengabafanyana abancane sibhukuda ndawonye, washaya umfana endlebeni ngesigaxa sodaka, futhi sasihlale simbiza ngo "Mud Ear." Uhlala ezansi nje komgwaqana ongumhubhe ukusuka kimi—cishe umnyango wesibili ngezansi kwakwaMfowethu Woods.

Futhi ngakho ngathi, "Mud, awuthi gqi lapha."

Wathi, "Kulungile, Billy." (Weza ngapho.)

Ngathi, "Lesiyasikhonkwane osishayele phansi . . . "

Wathi, "Billy, bazothatha yonke into bayifake phakathi—zonke lezizihlahla, loluthango, konke kufanele kugudluzwe."

Ngathi, "Kulungile, unjiniyela ungitshele ukuthi impahla yami ifike maphakathi nomgwaqo."

Wathi, "Yebo, kodwa bazowandisa. Bazokufaka phakathi noma kanjani."

Wathi, "Neyami futhi."

Ngathi, "Kulungile uMfowethu Wood ungumbazi wamatshe, futhi ngathi ngizocela yena angigudluzele lona lubuyele emuva.

Wathi, "Billy, ungaluthinti. Yekela inkontileka ikwenze lokho. Yindlu yomfundisi leyo, akusiyona na?"

Ngathi, "Yebo mnumzane."

Wathi, "Akwenziwe nguye." Wathi, "Uyazi ukuthi ngiqondeni."

Ngathi, "Yebo."

Ngasuka ngahamba, naleyonto esheshayo yalushaya.

Ngaya ekhaya, ngaya elawini lami lokuphumula, ngathatha "lelobhuku," futhi kwakulapho. Kwakungesiwo amablokwe kakhonkolo—kwakungamatshe. Ngathi, "Meda, lunga."

Amaphupho ayisithupha aqondile, kwase kuthi-ke umbono wakusibekela. "Uma lezizinto sezenzeka, phendukela ngasentshonalanga."

Ngibizwe e Tucson. UMfowethu Norman unayo indawo. Angazi ukuthi ngiyaphi. Angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Nje ngise . . . Ngimi . . . Angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Ngizoshiya ikhaya futhi angizukulithelela. Iholo lami yikhulu lamadola ngeviki. Cishe kuzodingeka ngikhokhe ikhulu lamadola ngenyanga ngikhokhela indlu. Ngikhona khona lapha nabafowethu nodadewethu, lapho engithandwa khona. Futhi ngiyahamba, angazi ukuthi kuphi. Angazi ukuthi kungani. Ngeke nganitshela ukuthi kungani. Kodwa kukhona

okukodwa kuphela engikwaziyo: ukulandela kuphela lokho Athi angikwenze. Angazi ukuthi ngiphendukele ngaphi. Ukuthi ngenzeni, akusikhona okwami . . .

Ngiqagele u Abrahama wezwa ngaleyondlela lapho Emtshela, “Hamba uwelele ngale komfula.” Wayengazi ukuthi kumele enzeni. “Kodwa wahamba,”—wazahlukanisa. Angazanga ukuthi kufanele ngenzeni.

NgoMgqibelo odlule ekuseni, sekuyiviki kusukela izolo, lapho kuthi akube elesithathu nqo ekuseni, ngase ngivukile ngaphuza amanzi, ngembesa u Joseph ekamelweni lakhe, ngase ngibuyile-ke ngazicambalalela nje ngase ngizumeka. Lapho sengilele . . . (manje ngiveza lamaphupho amancane nezinto, ukuze nibone isendlalelo salokho engilungiselela ukukusho) ngembesa u Joseph, ngase ngibuyela emuva, ngacambalala ngase ngizumeka; futhi ngaphupha iphupho: Futhi ngaphupha ngabona indoda eyayifanele ukuba ngubaba wami, nomake yayiyindoda enkulu eqatha; futhi ngabona owesifazane owayefanele ukuba ngumama wami, ukuthi wayengabukeki efana nomama wami. Nalendoda yayimphatha kabi umkayo. Yayinenduku enamakhona amathathu, lapho eyayikade ibaze khona lolukhuni yase yenza i—uyazi uma ugawula ukhuni ulunqumise ogodweni lwenza induku enamakhona amathathu—futhi kwakuthi njalo uma lona wesifazane ezama ukuma, yayivele imbambe ngentamo, imshaye ekhanda, imshaye imthele othulini. Futhi wayelala lapho, eyobayoba akhale, aphinde azame ukuba abuye asukume futhi. Yayizungezungeza iqhosha, iqhunsule isifuba sayo—insizwa enkulu eyisidlakela—futhi kwakuthi uma ethi uyasukuma futhi, yayimbamba ngentamo, ithathe lenduku enamakhona amathathu, imdabule ikhanda ngayo—imqumbe phansi. Ibuyele emuva, abese iqhunsula isifuba sayo sengathi yenze lukhulu.

Futhi ngangimi ngithe qekelele ngiqaphelisisa lento. Futhi ngacabanga, “Angikwazi ukudumelana naleyandoda. Inkulu kakhulu. Futhi-ke ifanele ukuba ngubaba wami. Kodwa ayisuyena ubaba wami.” Futhi ngathi, “Akahlangene nakancane nokuphatha lowomuntu wesifazane kanjalo.” Futhi ngathi ukumcasukela kancane. Ngakho ngaleyonkathi, khona manjalo ngezwa ngigcwala isibindi, futhi ngawelela kuye, futhi ngamdumela ngokhololo, ngamphenduphendula. Futhi ngathi, “Awunalo ilungelo lokumshaya.” Futhi ngenkathi ngisho lokho, izinkonyane zakhula—ngabukeka ngifana nesidlakela. Indoda yabuka lezozinkonyane, yase ingesaba. Futhi ngathi, “Uma uke wamshaya futhi, uzobhekana nami.” Yabe isithi ukunqikaza ukuphinda imshaye futhi. Ngabe sengiyavuka-ke.

Futhi ngathi ukucambalala lapho isikhashana. Ngacabanga, “Yini leyo na? Kuyaxaka ukuba ngiphuphe ngalowaya wesifazane.” Kwathi nje emzuzwaneni, nangu Efika. Ngayithola incazelo.

Owesifazane umele ibandla lomhlaba lanamuhla—umhlaba wonke. Ngazalelwa kuyo qobo lemfucumfucu, futhi nakhu lapho engikhona. Ufanele ukuba ngumama nje we . . . uma ube ngunina wezifebe—kodwa nokho ngazalelwa kukho impela. Nendoda yakhe ingamahlelo ambusayo. Induku enamakhona amathathu ayeyiphethe yilowombhaphathizo kamthathu-emunye emagameni amanga, ukuthi ngaso sonke isikhathi uma eqala ukusukuma ukuba ibandla likwamukele, umqwabalanda amlahle phansi ngawo. Futhi kusobala, ukuba abe mkhulu kangaka, ngaphenduka—ngangimesaba kancane, ngase ngivele ngimdumela noma kanjani, nezinkonyane kwabe kuyizinkonyane zokukholwa. Ezangenza ngacabanga, "Uma uNkulunkulu enami—anganginika izinkonyane, angimmele owesifazane," iyeke ukumshaya.

Cishe kwakukade kungeleshumi emini ngenkathi umkami wayezama ukungena ekamelweni. Futhi kwenzeka. Ngaba sembonweni ngalokhokusa futhi ngandlelathize ngo . . . Manje khumbulani KWAKUNGESILONA IPHUPHO!

Kukhona umehluko phakathi kwamaphupho nemibono. Amaphupho angenkathi lapho usuke ulele. Imibono ingenkathi lapho usuke ungalele. Sizalwa ngaleyondlela. Isidalwa esingumuntu esijwayelekile, uma siphupha, usuke ezwa kancane. Nokuzwa kancane kwakhe kusuke kuqhelele kude kuye. Imizwa yakhe usuke usebenza, inqobo nje uma esesekuzweni kwakhe kokuqala. Kulokhu ukuzwa, usuke ukahle nje. Uyabona, uyanambitha, uyathinta, uyahogela, uyezwa; kodwa uma ususekuzweni kwakho okuncane, ulele, awube usabona, unambithe, uthinte, uhogele, kumbe uzwe. Kodwa kukhona okuthize uma uphupha ubuyela kulokhu ukuzwa. Kukhona ukukhumbula ukuthi uyakukhumbula owakuphupha eminyakeni eyadlulayo.

Isidalwa esingumuntu esejwayelekile singaleyondlela. Kepha uma uNkulunkulu ebikezela into ethize, lokhukuzwa kancane kusuke kungaqhelile kakhulu lapha kumboni wezibonakaliso zokuzayo, kepha kokubili ukuzwa kusuke kundawonye nje. Nomboni wezibonakaliso zokuzayo embonweni usuke engalele—usuke esesemizweni yakhe, futhi uyakubona.

Ngangibachazela lokho abanye odokotela ngelinye ilanga, futhi basukuma base bethi, "Kuyamangalisa. Asikaze ngisho sicabange ngalento enje." Ngenkathi ngithatha ukuhlolwa kwamaza, futhi bathi abakaze bayibone into enjengaleyo. Niyabo. Hhayi-ke bathi, "Kukhona into eyenzeka kuwe."

Futhi ngathi . . . Ngabatshela. Bathi, "Yikho, impela."

Niyabo. Ukuzwa kokubili kuhlala kusondelane ndawonye. Akukho engingakwenza, futhi akungenzi ngibe ngaphezu kwanoma ngubani omunye. NguNkulunkulu nje owakwenza

ngaleyondlela. Usuke ungalele—usuke ukhona khona lapha, njengoba usuke ulele nje. Usuke umi lapha ubuka phandle kanje futhi...nonke nakubona, umhlaba jikelele. Usuke ungalele—ngimi lapha emsamo ngikhuluma nabantu. Niyaye ningizwe ngibe sembonweni ngibuye ngibuye uma ngigibele emotweni nani, noma yikuphi, futhi nginitshele izinto ezizokwenzeka. Futhi akwehluleki nhlobo. Akukaze. Ukhona osewake wakubona kwehluleka na? Cha mnumzane. Kungeke kwehluleke. Kungehluleke uma nje kunguNkulunkulu. Qaphela, khona lapho emsamo, izinkulungwane, phambi kwamashumi ezinkulungwane zabantu, ngisho nangezinye izilimi engingakwazi ngisho ukuzikhuluma—noma kunjalo akwehluleki. Niyabo—uNkulunkulu.

Manje, kulombono, kumbe njengoba ngangikhuluma, ngabheka, futhi ngabona into exakile. Manje, kwabonakala sengathi undodana wami omncane u Joseph wayeseceleni kwami. Ngangikhuluma naye. Manje, uma uzowuqaphelisisa ngempela umbono, uzobona ukuthi kungani u Joseph wayemi lapho.

Futhi ngabheka, futhi kwakukhona ihlathi elikhulu. Futhi phezu kwalelihlathi esixukwini sezinyoni—izinyonyana ezincane, cishe zinguhhafu weyintshi ubude nohhafu weyintshi ukuphakama—zase zingomakade ebona abancane. Izimpikwana zazo zase zivithikile. Futhi kwakukhona cishe ezimbili kumbe ezintathu ezaziphezulu kwelenyoni, ziyisithupha kumbe ziyisishiyagalombili egatsheni elilandelayo, futhi zilishumi nanhlanu kumbe amashumi amabili egatsheni elilandelayo—zehle njalo zimisise okwesivivane. Nalabobangane abancane—izithunywa ezincane, zase ziguge ngempela. Futhi zazibuka ngasempumalanga, futhi ngangise Tucson, e Arizona embonweni. Ngoba kwakwenza kwaba sobala ngangokuthi Akathandanga ukuba ngehluleke ukukubona ukuthi kwakukuphi, ngangisusa uhlamvu lwasesihlabathini kimi ogwadule. Futhi ngathi, “Manje ngiyazi ukuthi ngumbono lona, futhi ngiyazi ukuthi ngise Tucson. Futhi ngiyazi ukuthi lezozinyonyana lapho zimele okuthize.” Futhi zazibukisisa ngasempumalanga. Futhi ngokushesha zase zicabanga ukundiza, zase zisuka zaya ngasempumalanga.

Futhi zathi nje zingasuka, isixuku sezinyoni ezithe xaxa safika. Zazibukeka njengamajuba—zinamaphiko acijile phambili, zazingathi zinombala ompunga, zithe ukukhanya kancane ngombala kunalezizithunywa ezincane ekade zikhona. Futhi zaziza ngasempumalanga zindiza kakhulu. Kwathi nje zingasithela emehlweni ami, ngaphenduka futhi ukuba ngibuke ngasentshonalanga, futhi kwaba khona okwenzekayo lapho. KWABA KHONA UKUQHUMA EQINISWENI OKWAZAMAZAMISA UMHLABA WONKE! Manje ningagejwa

yilokhu! Nani eteyipini, QINISEKANI UKUTHI LOKHU NIKUTHOLA NGENDLELA EYIYO!!

Kuqala nguku QHUMA! Futhi ngacabanga ukuthi kwakunomsindo onjengo "msindo ovala izindlebe," noma nikubiza kanjani uma izindiza ziphambana nomsindo, nomsindo ubuyele emhlabeni. Kwavele kwazamazama njenge..., kwaduma, konke! Ngakho kwakungathi bekungukukleklebula kwezulu nombani. Angiwubonanga umbani. Ngezwa nje lokho KUQHUMA OKUKHULU okwaba khona okwezwakala sengathi kwakungaseningizimu kwami; kungase Mexico.

Kodwa kwazamazamisa umhlaba, futhi lapho kuwunyakazisa (ngangisalokhu ngibuke ngasentshonalanga) futhi *kude le kwingunaphakade* ngabona umthala wokuthize uza. Kwakubukeka sengathi bekungamachashaza amancane. Kwakukhona okungengaphansi kokuhlanu, futhi kungengaphezulu kwesikhombisa. Kodwa ayesesimweni sesivivane, njengalezizithunywa kuza.

Futhi lapho sekufika, amandla kaNkulunkulu uSomandla angiphakamisa ukuhlangabezana nazo. Futhi ngiyabona...akukaze kungishiye...sekuphele izinsuku eziyisishiyagalombili, futhi angikukhohlwa nokho. Angikaze ngibe nayo into engihluphayo njengaleyo. Umndeni wami uzonitshela.

Ngangizibona lezozingelosi, lawomaphiko alolongeke ngemuva zigijima ukwedlula ukugijima komsindo. Zivela kwingunaphakade zigijima njengokuphazima kweso. Kungaphezu kokucifa iso lakho, ukuphazima nje. Zase zilapho. Angibanga naso isikhathi sokuzibala. Angibanga naso isikhathi, ngaphandle kokubuka nje. Ezinamandla, izingelosi ezinkulu ezinamandla, zimhlophe njengeqhwa! Amaphiko ziwabeke emakhanda futhi zazithi "hwi hwiii," [umsindo oshaya ikhwela—Umhl.] futhi lapho uzwakala, ngahlwithelwa kulesisivivane, somthala. Futhi ngacabanga, "Manje, yikho lokhu." Ngaba ndikindiki umzimba wonke, futhi ngathi, "O he. Lokhu kusho ukuthi kuyobakhona ukuqhuma okuyongibulala. Ngisekupheleni kwendlela yami manje. Akufanele ngitshele abantu bami lapho lombono usuka. Angifuni bazi ngakho, kodwa uBaba oseZulwini usengazisile manje ukuthi isikhathi sami sesiphelile. Ngeke ngiwutshele umndeni wami funa bakhathazeke ngami, ngoba Usehlelela ukuhamba, naleziziNgelosi ifikele mina futhi ngizobulawa khona maduzane nje manje ekuqhumeni okuthize."

Kwase kufika kimi, ngisekulesisixuku, "Qhabo, akusikho lokho. Ukuba bekukubulele bekuzobulala no Joseph, futhi ngangimuzwa u Joseph engibiza." Yebo-ke ngaphenduka futhi ngase ngicabanga, "Nkosi Nkulunkulu, uchaza ukuthini lombono na?" Futhi ngamangala, khona-ke kwase kufika

kimi. Kungesilona iphimbo—kwavele kwafika kimi. O! Lezo yiziNgelosi zeNkosi zizonginika umyalo wami omusha! Futhi lapho ngicabanga lokho, ngaphakamisa izandla zami, ngase ngithi, "O Nkosi Jesu, Uzothanda ngikwenzeleni na?" Nombono wangishiya.

Cishe ihora lonke, ngangingezwa lutho.

Manje, bantu niyazi ukuthi ziyini izibusiso zeNkosi. Kepha Amandla eNkosi ahluke kakhulu. Amandla eNkosi kulezozindawo ezinjalo, ngangike ngizwe ezikhathini ezininginingi phambilini emibonweni, kodwa hhayi kanjalo. Kuzwakala njengo "kwesaba kokuhlonipha." Ngangesaba ngangokuthi ngaze ngaphela amandla phambi kwalezizidalwa. NGIKHULUMA IQINISO. NjengoPawulu wathi, "Angiqambi amanga." Anikaze ningibambe ngikhuluma noma yini eliphutha ngento enjengaleyo? Kukhona okuzokwenzeka!

Kwase kuthi emva kwesikhashana ngathi, "Nkosi Jesu, uma ngizobulawa, ngazise ukuze ngingabatsheli abantu bami ngalokhu; kodwa uma kungokunye, ngazise." Akuphendulanga lutho.

Emva kokuba uMoya ungishiyile cishe uhhafu wehora ngiqagele kumbe ngaphezulu ngathi, "Nkosi, uma ngabe-ke kungukuthi ngizobulawa, futhi Usuqedile ngami emhlabeni, futhi ngizothathwa ngiyiswe ekhaya manje—okungukuthi uma kuyikho, lokho kuhle. Kulungile." Ngakho, ngathi, "Uma kuyikho, ngazise. Thumela amandla aKho abuyele phezu kwami futhi. Khona-ke, angiyukwazi ukutshela abantu bami, kumbe noma ngubani, ngakho, ngoba Uhlelela ukuza uzongihlwitha." Futhi ngi . . . futhi akwenzekanga lutho. Ngalinda isikhashana. Ngase ngithi, "Nkosi Jesu, uma bekungachazi lokho, kepha kuchaza ukuthi Ungiphathele okuthize ukuba ngikwenze futhi kuzokwambulwa kimi kamuva, ngakho-ke thumela amandla aKho. FUTHI KWACISHE KWANGITHATHA EKAMELWENI!

Ngazithola sengikwenye indawo ngale ekhoneni. Ngangimuzwa umkami ndawondawo ezama ukunyakazisa umnyango. Umnyango ekamelweni lokulala wawukhiyiwe. Futhi ngangineBhayibheli livuliwe, futhi ngangifunda . . . Angazi, kodwa kwakuphakathi, ngiyakholwa, kumaRoma, isahluko 9, ivesi lokugcina: "Bheka ngibeka eSiyoni, itshe legumbi, itshe lokukhubeka, itshe legumbi eliyigugu, nokholwa nguYe akayikujabha." Ngacabanga, "Kuyaxaka ukuthi ngifunde lokho." (UMoya usayilokhu ungithwele ekamelweni.)

Ngavala iBhayibheli ngase ngima lapho. Ngaya ngale emafasiteleni, (kwakuthi akube ngeleshumi nqo osukwini, kumbe ngaphambili) futhi ngaphakamisa izandla zami, ngase ngithi, "Nkosi Nkulunkulu, angiqondi. Lolu usuku oluxakile kimi. Futhi kungathi, ngisangene." Futhi ngathi, "Nkosi,

kuchaza ukuthini lokho na? Ake ngikufunde futhi, uma kunguWe." (Manje lokhu kuzwakala kungubungane!) Ngacosha iBhayibheli, ngase ngilivula. Kwakulapho futhi endaweni efanayo—uPawulu, etshela abaJuda ukuthi bazama uku . . . etshela amaRoma ukuthi abaJuda bazama ukukwamukela ngemisebenzi, kodwa sikukholwa ngokukholwa.

Yebo, bekuyilokhu kuyisikhathi esinzima kusukela lapho. Manje niyabona ukuthi ngimi kuphi. Angazi ukuthi kwenzekani! Angazi ukuthi ngizothini! Kepha manje, mangithi manje, kusukela manje kuqhubeke njalo, emizuzwini ethi ayibe lishumi nesihlanu kumbe amashumi amabili elandelayo, ake ngizame ukusho okuthize lapha manje. Khumbulani, AYIKAZE NAKANYE leyomibono ike yehluleke.

Manje, ngizothatha imiBhalo okwesikhashana. Uma niqaphela, eZambulweni isahluko 10 . . . Manje, ake ngisho lokhu: Uma umbono ungokombhalo, ungahunyushwa kuphela ngomBhalo. Futhi-ke ngifuna nikuhlanganise ndawonye lokhu. Futhi manje, nina enikhona nani eteyipini, qikelelani ukuthi nikusho lokhu ngendlela engikusho ngayo, ngoba kungababakalula kakhulu ukungakuqondi kahle. (Senijahile na? Kulungile vele . . . Ngiyanibonga ngokuthula kangaka, kuhle.)

Manje iNgelosi yesiKhombisa . . . Manje, *Banumzane*, (njengoba ngikwethile lokhu) *yiso Lesi iSibonakaliso sesiKhathi sokuPhela na?* Siphila kuphi na? . . . Sikhathi sini osukwini na? Njengombambani okhathele ubusuku bonke, evuka akhanyise iwashi ukuba abuke ukuba abone ukuthi yini—ekhanyisa. Umkhuleko wami yilona, "Nkulunkulu masikhanyise!" Ngimi endaweni embi kabi, uma kuphela benikwazi. KHUMBULANI, NGINITSHELA EGAMENI LENKOSI, NGINITSHELE IQINISO! FUTHI KUKHONA OKUZOKWENZEKA! Angazi. Manje, nina eniseteyipini, niyakuthola lokho na? ANGAZI! Ngizozama—okufike kimi izolo ngihlezi elawini lami lokuphumula. Angisho ukuthi lokhu yiqiniso. Bekuyinto ethile kuphela inyakaza enhliziyweni yami ngenkathi ngihamba phansi!

Bekufanele ngehle—ngithi ukuthola isikhashanyana bese ngehla noCharlie—bese ngihamba ngiyozingela naye ngolunye usuku, ngaphambi kokuba sehlukane.

Mangithi, ukuthi ngoba ngiya eNtshonalanga, akusikho ukuthi ngishiya lelitabernakele. Leli yibandla iNkosi uNkulunkulu eyanginika lona. Nanti ikomkhulu lami. Nakhu lapho engihlala khona. Ngihamba kuphela ngenhlonipho emyalweni onginika ngombono. Indodana yami, uBilly Paul, uyohlala engunobhala wami. Ihhovisi lami liyobakhona lapha kulelibandla. Ngokusizwa nguNkulunkulu, ngiyobalapha uma lento isiphelile, ukushumayela iziMpawu eziyisiKhombisa; futhi noma yimaphi amateyipu engiwenzayo, noma yikuphi okunye,

kuyokwenziwa khona lapha kulelibandla. Futhi khona lapha, ngokwazi kwami, yindawo lapho engingashumayela khona ngenkulu inkululeko kunanoma ngingenza noma kuyiphi enye indawo ezweni—ngenxa yeqembu labantu lapha abakholwayo futhi balambile futhi babambelele. Nalokhu kubonakala njengekhaya kimi. Yiyo le indawo. Futhi uma uqaphela, iphupho lakhuluma into efanayo. Niyabo, lapho khona ukudla . . .

Manje, kodwa angazi ukuthi ikusasa liphetheni—kodwa ngiyazi ukuthi Ubani ophethe ikusasa. Yileyo into enkulu.

Manje, Nkulunkulu, uma ngisephutheni, ngithethelele uvale umlomo wami, Nkosi, kunoma yikuphi okungebe yintando yaKho. Ngenza lokhu kuphela ngoba ngiphoqelekile, Nkosi. Sengathi abantu bangaqonda—kuphela ukuphoqeleka.

Isizathu engicabanga ukuthi senza incazelo ingafiki masinya—kwaba ngobukhosi bukaNkulunkulu, ngoba ngikholwa ngukuthi kulotshelwe mina khona lapha ngaphandle eBhayibhelini. Futhi-ke uma kungokombhalo, ngumBhalo kuphela ongakuhumusha. Futhi uma lokhu kuliqiniso, Mfowethu, Dadewethu, angiqondile ukunesabisa, kodwa kufanele siqaphele ngempela manje. Sihlelela uku . . . kukhona okuzokwenzeka.

Manje, ngikusho lokhu ngenhlonipho nangokwesaba uNkulunkulu. Futhi nicabanga ukuthi ngingama lapha—nina bantu ningikholwa ngisho ukuthi ngingumprofethi. (Angizisho ukuba nginguye.) Isiphakamiso sami sasiyilokhu. Kwase-ke, ngonyaka odlule ngathi yilokhu kuphela engakubonayo, imvuselelo isiphelile esizweni—yalesisizwe nayikanjani. Ngathatha uvakasho lobuvangeli—iningi lenu lahamba nami. O, kwakulungile. Saba nezikhathi ezinkulu, imihlangano emihle, izixuku eziningi, kodwa akuzange nje kushaye emhlolweni. Kulonyaka ngithatha uhambo lwesithunywa senkolo. Ngiyothi ngingaluthatha nje, ngiya e Afrika, e Indiya, nasemhlabeni jikelele, uma ngingahle ngikwazi, kolunye uhambo lwesithunywa senkolo. Uma lokho kungasebenzi, khona-ke angizukuthatha manzi nakudla, futhi ngiqombole lezozintaba eziphakemeyo ngaleya, futhi ngizohlala lapho, uNkulunkulu aze aphendule ngandlela thize. Angikwazi ukuphila kanje. Angikwazi nje ukuqhubeka. Lokhu kungaba yimpendulo lapha. Angazi. Aze Angiguqule . . .

Niyawukhumbula umbono, cishe emasontweni amathathu edlule, ngimi elangeni, ngishumayeza ibandla na? Nonke benilapha ngeSonto eledlule. NgamaSonto amaningi ninabantu lapha niyawathola amateyipu futhi nisuke nilapha uma iqoshwa, niyaziqonda lezizinto, ngoba manje ngizovele ngishaye lezizindawo, futhi nikubhekisise. Nje ngisho konke okuncinyane kwalokho okushiwoyo kufanekisa kukho impela lokhu. Ngakho

kufanele kube yincazelo. Angazi. Yingakho ngithi, "Banumzane, yikho lokhu na?"

Ngikholwa ukuthi iNgelosi yesiKhombisa yeSambulo 10 iyisiThunywa soNyaka weBandla lesiKhombisa seZambulo 3:14. Khumbulani . . . Manje, ake ngifunde . . . bukani . . . lapho engingafunda khona . . . Manje, lena kwakuyiNgelosi yesiKhombisa.

> *"Kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa,"* (ivesi 7) *". . . lapho isizakubetha, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, njengalokho azazisa izinceku zakhe abaprofethi."*

Manje, niyaqaphela, lena kwakuyingelosi; futhi yingelosi yoNyaka weBandla lesiKhombisa, ngoba kuthi lapha, yiNgelosi yesiKhombisa yoNyaka weBandla lesiKhombisa. Ngathola ukuthi uma ufuna ukubona ukuthi ubani, kumbe ukuthi ingelosi ikuphi . . . (iZambulo 3:14). Yingelosi eBandleni laseLawodekiya.

Manje, niyakhumbula ngenkathi lokho kushiwo lapho (izingelosi emiNyakeni yeBandla) namanje, kulokhu, kuyohlangana thaqa naleziziMpawu eziyisiKhombisa esizokhuluma ngazo. NeziMpawu eziyisiKhombisa esizama ukukhuluma ngazo (uma siza ngalesisikhathi) yiziMpawu eziyisiKhombisa ezilotshiweyo, naleziziMpawu eziyisiKhombisa, njengoba nazi, ngukubonakaliswa nje kweziNgelosi eziyisiKhombisa zamaBandla ayisiKhombisa. Kodwa kukhona eziyisiKhombisa ezinye iziMpawu olungemuva kweNcwadi—ezingaphandle kweBhayibheli. Qaphela, sizongena kukho emzuzwaneni.

Manje, ngaphambi kokuba ngiqale lokhu, senikhathele na? Ningathanda ukuma, nishintshe izindawo na?

Manje, lalelisisani. INgelosi yesiKhombisa yeZambulo 10:7 iyisiThunywa soNyaka weBandla lesiKhombisa. Niyabona na? Manje qaphelani. Futhi ngezinsuku . . . Manje qaphelani lapha.

> *"Kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa, lapho isizakubetha icilongo, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, . . .*

Manje, siyabetha, lesisithunywa, iNgelosi yesiKhombisa lapha, ibetha ikhipha umlayezo wayo eBandleni laseLawodekiya. Qaphela uhlobo lomlayezo wayo. Manje, kwakungesikho eNgelosini yokuQala, (ayinikwanga lokho), eNgelosini yesiBili, yesiThathu, yeSine, yesiHlanu, yesiThupha; kodwa yiNgelosi yesiKhombisa eyayinalolu uhlobo lomlayezo. Kwakuyini na? Qaphela, uhlobo lwayo lomlayezo: uqeda zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu ezilotshwe eNcwadini. INgelosi yesiKhombisa iqedela zonke izimfihlakalo, ezibekwe azangenziwa lutho, kuzo zonke lezizinhlangano namahlelo—iNgelosi yesiKhombisa iyazicosha futhi iqeda yonke

imfihlakalo. Manje yilokho okwashiwo yiBhayibheli—iqeda imfihlakalo yeNcwadi elotshiweyo.

Manje, ake sibhekisise ezimbalwa zalezizimfihlakalo. (Futhi uma nifuna ukuzibhala phansi.) Kuqala, ngizothatha lokho okushiwo yi Scofield lapha kuMathewu 13. Uma nithanda ukuthayipha ezinye zazo phansi . . . Uma ningenalo, nineBhayibheli i Scofield, ningakufunda lokho acabanga ukuthi ezinye izimfihlakalo ziyikho.

Manje, evesini 11:

> *"Futhi Waphendula-ke wathi kubo, Ngokuba niphiwe . . . "* (kubafundi bakhe) *"Ngokuba nina niphiwe ukwazi izimfihlakalo zombuso wezulu, kodwa qha bona kodwa bona abakuphiwanga."* (Izimfihlakalo).

Nansi imfihlakalo: Imfihlakalo ngumbhalo—yiqiniso ebelifihlakele phambilini, manje yembuliwe ngokwaPhezulu, kodwa oyisigaba esingesiso esasemhlabeni usayilokhu usele, naphezu kwesambulo. Izimfihlakalo eziNkulu ngokuthe xaxa neziMfihlakalo eziNkulu ziyilokhu:

Eyokuqala, imfihlakalo yoMbuso weZulu. (Yiyona le esikhuluma ngayo manje. 13 Mathewu 13:3-15.)

Manje imfihlakalo yesibili iyimfihlakalo yobumpumputhe buka Israyeli ngesikhathi salonyaka. (KwabaseRoma 11:25 kwakuyingqikithi yendaba.)

Eyesithathu, imfihlakalo yesithathu iyimfihlakalo yokuguqulwa kwabangcwele abaphilayo esikhathini sokugcina salonyaka. (I KwabaseKorinte 15, futhi naKwabaseThesalonika 4 naku 14 kuya ku 17.)

Eyesine, imfihlakalo yeBandla leTestamente eliSha linjengoMzimba Owodwa, ohlanganise kokubili amaJuda nabeZizwe. (Kwabase Efesu 3:1 kuya ku 11, KwabaseRoma 16:25, futhi naKwabase Efesu 6:19, KwabaseKolose 4:3.)

Imfihlakalo yesihlanu eyeBandla, njengoMlobokazi kaKristu. (Kwabase Efesu 5:28 kuya ku 32.)

Imfihlakalo yesithupha ekaKristu ophilayo, onguye izolo, namuhla naphakade. (KwabaseGalathiya 2:20 naKumaHeberu ku 13:8, nezindawo eziningi ezinjalo.)

Imfihlakalo yesikhombisa ekaNkulunkulu, ngisho uKristu, njengoHlala ukugcwala kobunkulunkulu, kusemzimbeni kuYe konke ukuhlakanipha kobunkulunkulu nokukhonza kubuyiselwe kumuntu.

Imfihlakalo yesishiyagalolunye iyimfihlakalo yobubi etholakala II Kwabase Tesalonika, kanjalo kanjalo.

Imfihlakalo yeshumi eyeziNkanyezi eziyisiKhombisa zeSambulo 1:20 (Sisanda kwedlula kulokho nje. IziNkanyezi

eziyisiKhombisa zazingamaBandla ayisiKhombisa. IziThunywa eziyisiKhombisa, nokunjalo.)

Nemfihlakalo yeshumi nanye yiBabiloni eliyimfihlakalo, isifebe, iZambulo 17:5 kuya ku 7.

Lezo ngezinye zezimfihlakalo lengelosi efanele ukuziqeda. Zonke izimfihlakalo-ZONKE izimfihlakalo zikaNkulunkulu. Nokunye—mangisho lokhu ngenhlonipho futhi ngingabhekisi kimina uqobo lwami, kodwa ngibhekise eNgelosini kaNkulunkulu.

Inzalo yenyoka, lokho bekuyimfihlakalo ebifihlakele kuyoyonke iminyaka.

UMusa oqondisileyo—hhayi ihlazo, kepha umusa oliqiniso ngempela.

Ayikho into okuthiwa yisihogo esivutha ingunaPhakade. Uyosha izigidi zeminyaka, kodwa noma yini eyayiyiPhakade yayingenasiqalo ingenasiphetho, futhi isihogo sadalwa—zonke lezizimfihlakalo.

Imfihlakalo yomBhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngaphandle kwevuso, kepha uMuntu uKristu esebenza phakathi kuwe imisebenzi efanayo Ayenzayo.

Imfihlakalo yombhaphathizo wamanzi, lapho umqondo kaziquzintathu uwungenise emagameni kaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, nemfihlakalo yobunkulunkulu egcwaliswe emBhaphathizweni eGameni likaJesu Kristu ngokweNcwadi yeSambulo, iBandla kulesisikhathi ebelizokwamukela. Zikhona ezinye zezimfihlakalo.

Ukubuya kweNsika yoMlilo, Ameni! Yileyonto okufanele yenzeke, futhi siyayibona!

O, singalokhu siqhubeka sizisho ngamagama izimfihlakalo. Sibona leyoNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa Israyeli—yona leyo eyashaya phansi u Sawulu esendleleni ebheke ezansi e Damaseku, futhi YONA LEYO, iza ngamandla afanayo, yenza izinto ezifanayo, futhi yembula iZwi elifanayo, ihlala ezwini ngezwi neBhayibheli.

Ukukhala kweCilongo kuchaza ICILONGO LEVANGELI. Nokukhala kwecilongo eBhayibhelini kuchaza ukuthi, lungelani iMpi yangokomBhalo. Niyakubhala phansi na? IMpi yangokomBhalo. U Pawulu wathi . . . (Uma nifuna ukubhala phansi lokhu, I KwabaseKorinte 14:8) uPawulu wathi, "Uma iCilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo, umuntu uyokwazi kanjani ukuthi ufanele alungiseni na?" Futhi uma lingenakho ukukhala kombhalo, oqinisekisiweyo, ukuqinisekiswa kweZwi likaNkulunkulu elenziwe labonakala, sizolazi kanjani esikhathini sokugcina na? Uma lithi bayakholwa ngukuthi Jesu Kristu nguye izolo, namhlanje naphakade, kepha bephika izibonakaliso zaKhe nezimangaliso ukuthi onke amandla

emvelo ayeMkholwa, futhi lonke iBandla lakholwa nguYe ngalokhu, siyokwazi kanjani ukuthi sizilungiselele kanjani na?

Omunye afike neshadi akudwebe akukhiphe konke, nomunye afike nenye into adwebe lokhu konke ngaphandle. Kuphambane nalokhu. Omunye afike athi, "Yilokhu," abuyele kulokhu, nabanye babhale amabhuku nezinto ezinjengalokho. Kepha UNKULUNKULU UFIKA ngaMANDLA OVUKO lwaKhe pho ngubani ozophikisana nakho na? Uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, WENZA okufanayo nalokho Akwenze izolo, namuhla, naphakade. Yilokho okufanele ukwenziwa yingelosi—ithathe lezozimfihlakalo, lezozinto ezingathintiwe, abantu abagijima phezu kwazo baphume.

Qaphelani, uma likhala ngomsindo ongaqondakali, ongesikho okombhalo, ngubani ongazilungiselela na? Kodwa iCilongo . . . Nike naqaphela ngamunye waleyominyaka, njengoba nginitshelile ngokungena kwebandla, kwaba khona iCilongo elakhalayo, uPhawu lwaqaqwa; necilongo lichaza impi! Futhi uma linganikezi umsindo wangokombhalo, kuthiweni ngalo na? Kodwa ake nginikhumbuze lokhu. Ningakugeji manje.

Qaphelani, ngamunye unyaka webandla wawunesithunywa sawo. Siyakwazi lokho. U Pawulu wayeyisithunywa sokuqala. Futhi lapho icilongo lokuqala likhala, noPhawu lokuQala lwaqaqwa, u Pawulu wayeyisithunywa sokuqala njengoba sitholile. Futhi wenzenjani na? Wamemezela impi. Ngani na? NgeBandla loMthetho, ngenxa yokungasikholwa isiBonakaliso sobuMesiya uJesu ayebavezele sona.

Ngani, babefanele ukulwazi! Babefanele ukuMazi!

Khumbulani u Pawulu wafika ekupheleni konyaka—zonke izithunywa zifika ekupheleni konyaka. Kusesikhathini sokugcina lapho lezizinto ezivezwa khona.

U Pawulu, azi imiBhalo, futhi azi ukuthi uJesu wayenguMesiya, futhi wawaqhumisa lawomasinagoge kuzindawo ngezindawo ngemiBhalo futhi wakhishwa kuwo wonke. Kwaze kwathi ekugcineni wathuntutha uthuli ezinyaweni zakhe wase ephendukela kwabeZizwe.

Kwakuyini na? Ukukhala kweCilongo! Isithunywa esiyingelosi simi lapho neZWI. O he! Ningagejwa yilokho manje! IZwi! No Pawulu, nencazelo ephelele phaqa yeZwi likaNkulunkulu, wawaqhumisa onke lawomasinagoge. Kwabiza ukuphila kwakhe.

Singehlela ku Irenaeus, yena . . . isithunywa sonyaka webandla olandelayo, no Martin oNgcwele, unyaka webandla olandelayo, lapho beqala ukuthola imfundiso yamaNikolawu . . . iqala ukungena. Futhi bawuqhumisa lowonyaka. u Martin oNgcwele wawuqhumisa unyaka wakhe. Futhi kwase kuba ngu Luther, isithunywa sesihlanu, waliqhumisa leloBandla eli Katolika ngeZwi likaNkulunkulu. *"Abalungileyo bayophila*

*ngokukholwa,"* washo njalo; nokuthi "Akusiwo umzimba kaKristu wangempela lokhu," futhi wasiphosa phansi isidlo, wasuka waphuma, futhi waqhumisa leloBandla eli Katolika! LeloCilongo lakhala. Kunjalo. Kunjalo na?

UJohn Wesley, wavuka ezinsukwini zeBandla laseSheshi, ngenkathi bethi, "Asisekho isizathu sokuba nezimvuselelo," futhi yaya embewini. Kodwa uJohn Wesley wasukuma nomlayezo womsebenzi wesibili womusa: UKUNGCWELISWA. Futhi waliqhumisa leloBandla laseSheshi ngeCilongo leVangeli—walungiselela impi. Kunjalo. Wakwenza.

Manje, sisoNyakeni waseLawodekiya, lapho futhi sebephinde bahlela! iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, amaLuthela, amaPentekoste, futhi sibheke umprofethi ukuba afike, uku QHUMISA lonyaka, futhi ababuyise basuke ebubini babo.

Manje, uma lokho bekuyilokhu kuyinkambiso kusukela phansi onyakeni, ngabe uNkulunkulu uyoyiguqula inkambiso yaKhe kulolusuku na? Angeyiguqule. Uzolokhu egadla njengenhlalayenza. Futhi khumbulani, lesisithunywa sasiyiNgelosi yesiKhombisa, futhi yayizothatha zonke izimfihlakalo futhi iziqoqele ndawonye.

Qaphelani, iNgelosi yesiKhombisa kwakungukuba iqhumise ibandla lase Lawodekiya eli CEBILE. "Ngicebile, nginempahla eningi, angeswele lutho." Wathi, "Ungohluphekayo olusizi, ompofu, ophuphuthekile nohambaze kepha awazi." Lowo kwakungumlayezo wakhe.

O Nkulunkulu, sithumelele umprofethi ongesabi ono ISHO KANJE INKOSI ukuthi iZwi eliqinisekisiwe likaNkulunkulu lizodabula kukho, futhi lifakazise ukuthi uthunywe evela kuNkulunkulu. Futhi nxa efika, uzoyiqhumisa leyominyaka. Impela uyoyiqhumisa. Uyolibeka aphambane nalo leloBandla laseLawodekiya. Impela uyokwenzenjalo. Bakwenza kuyo yonke eminye iminyaka. Akuzukuguquka kulonyaka. Kufanele kufane.

Qaphelani, manje iBandla laseLawodekiya—isithunywa siyokuqeda okwaseLawodekiya . . . iNgelosi yesiKhombisa iyofeza zonke izimfihlakalo ebezilahlekile ezimpini ngaphambili zeqiniso.

ULuther wavuka, kodwa wayengenalo lonke iqiniso. Wayenokulungisiswa kuphela. Kunjalo! Kwabuye kwafika esinye isithunywa esibizwa ngoJohn Wesley nongcweliso. Wayengenalo. IBhayibheli lathi . . . iBandla laseFiladelfiya. Bese kuza uNyaka weBandla laseLawodekiya nomBhaphathizo kaMoya, kodwa bakuxova konke babuyela khona impela ekwenziweni kwezinto njengokomthetho njengoba benza ekuqaleni—lapho Ayebukeka khona njengo Alfa no Omega. Isandla saKhe singapha, nangapha—ukuqala nokugcina.

UMoya waKhe wehla ngosuku lwePentekoste wasigcwalisa lesosixuku. Laliyilokhu liya ngokuya likhameka, laze lafika emiNyakeni yoBumnyama, Izinti zeziBani zeGolide eziyisiKhombisa, imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa. Owokugcina wawusuqhele kakhulu kuYe. Ukuthi kwakuyinkulungwane cishe inkulungwane yemiNyaka yoBumnyama iBandla eliKatolika. ULuther waqala ukuletha okunye ukuKhanya, wathi ukusondela kancane eZwini. UkuKhanya okulandelayo kwathi ukusondela kancane. UkuKhanya okulandelayo, kwaseLawodekiya, kwase kubuyela emuva ngqo njengoba kwenza ekuqaleni. Kwaqonda ngqo engxovangxoveni efanayo nokwayenza ekuqaleni. Aniboni ukuthi ngichazani na?

Manje qaphelani. Liningi iqiniso elalahlekayo phandle lapho. Ngani na? Lapho khona abanye abaxegisa iqiniso. Kodwa leNgelosi yesiKhombisa ayixegisi lutho! Izicoshela ndawonye zonke izinto ebezibekiwe—izicoshela ndawonye zonke, futhi eku BETHENI KWAYO, yonke imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe. Ithunywe nguNkulunkulu. Konke okwezimfihlakalo ezifihlakeleyo kwafezwa ngenkathi i. . . Kwembulwa kuyo. Ngani na? Uma lezi kuyizimfihlakalo ezifihlakeleyo, lomuntu UZOBA ngu MPROFETHI. Futhi asiqedanga yini futhi sabona ukuthi umprofethi oyofika ezinsukwini zokugcina kuyoba yilowo Eliya omkhulu ebesimbhekile na? Ngoba lezizimfihlakalo ezifihliweyo kwi zazi zezenkolo zizokwembulwa nguNkulunkulu, neZwi lifika KUPHELA kumprofethi. Futhi siyakwazi. Uyoba ngu Eliya wesibili, njengoba kwethenjiswa. O, he! Umlayezo ayowuletha uyoba yizimfihlakalo kuzozonke lezizinto.

Sinombhaphathizo wamanzi—kuyingxubevange konke. Kunjalo. Oyedwa uyafafaza, oyedwa uyathela, oyedwa uthatha uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, oyedwa uthatha lokhu, oyedwa ubhaphathiza kathathu ubuso bubheke phansi—okukodwa kukaNkulunkulu othiwa u “Yise,” okunye kube okukaNkulunkulu othiwa yi “Ndodana,” nokunye kukaNkulunkulu othiwa ngu “Moya oNgcwele.” Omunye uthi, “Unephutha, ufanele ubhaphathize umlalise ngomhlane kathathu ngaleyondlela”—futhi o, ingxovangxova enje pho! Kodwa yonke into isiqediwe! Ngokuba MUNYE kuphela uNkulunkulu! NeGama laKhe nguJesu Kristu, futhi alikho elinye igama phansi kweZulu. . . Akukho nayinye itekisi yomBhalo, nomaphi eBhayibhelini, lapho noma ubani owake wabhaphathizwa noma ngayiphi enye indlela kuphela eGameni likaJesu Kristu. Akukaze nakanye lapho khona okwake kwathi nayiliphi ebandleni elisha. . . kumbe iBandla likaJesu Kristu elake lafafaza, lathela, noma yikuphi okunye. Akukaze nakanye kusetshenziswe isimiso esithi, “Ngiyakubhaphathiza eGameni likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele.” Kuyizivumokholo

nezinto. Nasempini yeqiniso, lezoziphetho besilahlekile; kodwa uNkulunkulu wathi ziyobuyiselwa futhi ezinsukwini zokugcina. "*Ngiyobuyisela*, isho iNkosi." Sedlulile kulokho esikhathini esingeside esedlule isi "Hlahla soMlobokazi."

Kuyoba ngumprofethi. IBhayibheli lithi uyoba lapha. Kunjalo. UMalaki 4 ukhuluma ukuthi uyoba lapha, futhi siyakholwa ukuthi uyobakhona. Siyamfuna, futhi sibheke ukuzibonakalisa kwakhe. Futhi sizolibona iZwi eliqinisekisiwe likaNkulunkulu.

Kuyobakhona ingcosana nje eyokuqonda. "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa, kuyobanjalo nasekufikeni kweNdodana yomuntu." Yini eyasindiswayo na? Imiphefumulo emihlanu. Ezinsukwini zikaLoti, kwabakhona abathathu eqinisweni abasindayo. Umfazi waqala ukuphuma waseyalahleka. Kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Bayoba yingcosana abayosindiswa—baguqulwe ngalesosikhathi. Enye yezimfihlakalo yileloBandla lihlwithwa njengoLoti owathathwayo njengoLoti owakhishwayo, wasuswa. UNowa wathathwa wasiwa phezulu, neBandla futhi liyothathwa lisiwe phezulu. Omunye wahamba wangena, omunye waphuma wahamba, nomunye uya phezulu. Niyabo kuyikho impela, ngokuphelele. IZwi liyafika.

INcwadi elotshwe ngaphakathi iyobe isiyaphela-ke, ngenkathi lokhu zonke lezizimfihlakalo seziqediwe ukubethwa.

Manje, ake ngikufunde futhi, ukuze nibe nesiqiniseko. Manje bhekani: *"Kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa,"* (ingelosi yokugcina) *"lapho isizakubetha, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe . . . "*

Manje, yini imfihlakalo kaNkulunkulu . . . eyodwa yazo na? U Pawulu wathi ku I Timothewu 3 (ngikholwa yikuthi kwakunguye) wathi, *"Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza . . . "* Ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni. Sa Mphatha, saMbona, wamukelwa phezulu enkazimulweni. Wabonwa yizingelosi, waqinisekiswa lapha emhlabeni—UNKULUNKULU wabonakaliswa.

Impela, kuyimfihlakalo enkulu, kodwa isixazululiwe yonke. Hhayi uYise, iNdodana noMoya oNgcwele—oNkulunkulu abathathu, kodwa uNkulunkulu Oyedwa ezikhundleni ezintathu. UbuYise phansi kuka Mose, ubuDodana phansi kuka Kristu, uMoya oNgcwele phansi kwalesisimiso. Izimiso ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo—hhayi oNkulunkulu abathathu.

Imfihlakalo isiphelile manje. IBhayibheli lathi kofanele ifezwe.

Lapho i. Ngibonile ngelinye ilanga lapho ososayense bezama ukungiphikisa kulokho ababevamise ukukusho. Ngenkathi ngithi, "Noma ngubani obekholwa ngukuthi u Eva udla i

apula!" Manje, isayense ithi, (ngabona ephepheni ngelinye ilanga ezihlokweni ezinkulu) wadla ibhilikosi. Umbhedo! Kwakungamkhohlisa lokho na? Impela qha. Niyabo. Bavele . . . Yilokho okwacatshangwa ngu Kayini, niyazi. Wabuyisa into efanayo, kodwa uNkulunkulu akawemukelanga umnikelo wakhe; futhi u Abela, olungileyo, kwembulwa kuye ukuthi kwaba yigazi, ngakho waletha igazi. O Nkulunkulu, leliBandla nonyaka esiphila kuwo!

INcwadi elotshwe ngaphakathi isiphelele-ke uma lengelosi inqamuka—manje ngiyanicela kuqondeni lokhu!—uma umlayezo weNgelosi yesiKhombisa usuphelile—imfihlakalo yobunkulunkulu, imfihlakalo yenzalo yenyoka, zonke ezinye izimfihlakalo zazo zonke lezizinto—ubudodana baphakade, njengoba bekhuluma ngabo. Angaba kanjani yindodana yaphakade, lapho iphakade lingazange laqala kumbe lingenakuphela na? Nendodana yilokho okuzelweyo. Kungezwakala kanjani kungokuhlakaniphile na?

Singabakhona kanjani isiHogo saphakade, ingani isiHogo sadalwa na? Ngiyakholelwa esiHogweni esivuthayo. Impela. IBhayibheli lasho njalo, kodwa singesokubhubhisa. IBhayibheli lathi, "Ubusisiwe ongenasabelo ekufeni kwesibili." Niyabona na? Niyabona, ungeke ubhujiswe ngukufa kwesibili. Okokuqala kungokomzimba. Okwesibili kungukufa kokomoya lapho sekuphele konke. Umphefumulo owonayo; lowomphefumulo uyokufa. Uyojeziswa ngenxa yezono zakho, mhlawumbe kube amakhulu ezinkulungwane zeminyaka, kodwa singeke sabakhona isiHogo saphakade, ngoba iBhayibheli lathi isiHogo sadalwa. Singadalwa kanjani bese siba ngesaPhakade na? Uma kwake kwabakhona . . . IBhayibheli lathi isiHogo sadalelwa udeveli nezingelosi zakhe. Futhi ngakho uma sadalwa, singeke saba ngesaPhakade; ngoba ingunaPhakade . . . noma yini eyingunaPhakade ayizange ike ibe nesiqalo kumbe isiphelo.

Yingakho singeze safa nje, ngoba sasiyilokhu sikhona. Siyingxenye kaNkulunkulu. Inzalo kaNkulunkulu. Futhi nguYe kuphela oyinto eyingunaPhakade ekhona. Ameni. Awuseyikufa njengalokhu uNkulunkulu engenakufa, ngoba uyiPhakade kanye naYe. Ameni! Makuze! Haleluya! Sesikhathele nokho yilendlu endala yezifo.

Qaphelani, iNcwadi ilotshiwe. Uma lengelosi iqeda zonke lezizintshumayelo ebezingathintiwe ukuthi empini balwa noLuther, balwa kuWesley, balwa kumaPentekoste, balwa . . . kepha ukhona ozayo, kusho iBhayibheli, ukuthi ngezinsuku zokubetha kwayo, zonke lezizimfihlakalo . . . AbaMunye babalekele eGameni likaJesu. Abaka Mthathu basuke baya kuYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, njengoba benza nje eMkhandlwini waseNayisiya. Yinto efanayo. Bobabili wayesephutheni. Kodwa manje, phakathi nomgwaqo,

emiBhalweni kulele iqiniso. Niyabona ukuthi sikuphi na? INgelosi yeNkosi.

Qaphelani, iZambulo 5:1. Lalelani kulokhu manje,

> *"Ngase ngibona esandleni sokunene sakhe owayehlezi esihlalweni sobukhosi incwadi ilotshiwe ngaphakathi"* (okubhaliweyo kwakungaphakathi) *"nangaphandle, inamathelisiwe ngezimpawu eziyisikhombisa."*

Manje kukhona okubhalwe ngaphakathi eNcwadini, kodwa ingemuva lalineziMpawu eziyisiKhombisa kwingemuva layo okwakungalotshiwe eNcwadini. Manje, ngumambuli lona okhulumayo—uJohane. Manje khumbulani, kwakungalotshiwe eNcwadini, "Futhi ngezinsuku zezwi leNgelosi yesiKhombisa yonke lemfihlakalo elotshwe ngaphakathi isiyakube ifeziwe." Kufanele kunakwe ngalolosuku.

Manje niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Niyangilandela na?

Ngakho yisikhathi samaPhimbo ayisiKhombisa eZambulo 10 ukuba embulwe. Nxa iNcwadi isiphelile, kunye kuphela okusele, nalawo ngamaPhimbo ayimfihlakalo ayisiKhombisa oMdumo alotshwa kwingemuva leNcwadi uJohane anqatshelwa ukukuloba. Ake ngikufunde.

> *"Ngase ngibona ingelosi ingelosi enamandla yehla ezulwini, yembethe ifu: nothingo lwenkosikazi lwaluphezu kwekhanda layo, nobuso bayo babunjengelanga, nezinyawo zayo zinjengezinsika zomlilo.*
>
> *Iphethe esandleni sayo incwadi encane evulekileyo:* (Niyabo, manje qaphelani lokhu) *"yayisimisa unyawo lwayo lokunene phezu kolwandle, nolokhohlo lwayo phezu komhlaba.*
>
> *Yamemeza ngezwi elikhulu, njengokubhonga kwengonyama: nalapho isimemezile, imidumo eyisikhombisa yezwakalisa amazwi ayo."*

(Qaphelani!)

> *"Nalapho imidumo eyisikhombisa isikhulumile, ngase ngizakuloba:"*

(Kwabakhona okwashiwoyo. Kwakungesiwo nje umsindo. Kukhona okwashiwoyo. Wayesezakuloba.)

> *"kepha ngezwa izwi livela ezulwini lithi kimi,"*

(Buka ukuthi amaphimbo ayekuphi emiDumweni—hhayi eZulwini, eMhlabeni! ImiDumo ayikhulumanga emazulwini, yakhuluma eMhlabeni.)

*"Futhi ngase ngizakuloba: lapho ngizwa izwi livela ezulwini lithi kimi, Namathisela . . ."* (Amagama amakhulu N-A-M-

A-T-H-I-S-E-L-A) *"Namathisela ngophawu okukhulunywe yimidumo eyisikhombisa, kodwa ungakulobi."*

(Kungemuva.) Uma incwadi isiqediwe. . .Manje Akazange asho ukuthi ngaphambili, Wathi ngemuva. Emva kokuba sekuphele konke, bese kuthi-ke lemiDumo eyisiKhombisa, amaphimbo, yiyonanto kuphela enamathele eNcwadini, okungembuliwe. Akubhaliwe ngisho naseNcwadini.

O he! Ngifisa sengathi lokho ngingakufinyelelisa kubantu futhi empeleni. . .Ningehluleki, ningehluleki, ngiyanincenga ningehluleki kulesisikhathi. Ngihlelela ukunishiya. NINGEHLULEKI! Uma nake nalalela, lalelani. LeziziMpawu zikwingaphandle leNcwadi, futhi esikhathini lapho iNgelosi yesiKhombisa ibetha, zonke izimfihlakalo ezilotshwe eNcwadini iphelelisiwe. Futhi masinya, iNcwadi eyayivulekile futhi ibhalwe ngaphakathi, isi VALIWE! Izimfihlakalo zikaNkulunkulu seziphelile; futhi lokhu yizimfihlakalo zikaNkulunkulu—ukuhamba kweBandla, nazo zonke lezi ezinye izinto. Izimfihlakalo seziphelile.

UMA LAPHO LEYONGELOSI YESIKHOMBISA IBETHA IKHIPHA YONKE IMFIHLAKALO, SEKUPHELILE. Noma kungaba ngubani. Noma kungaba yini. IZwi likaNkulunkulu lingeke lehluleke futhi Wathi,

> *"Kepha ngezinsuku zezwi lengelosi yesikhombisa, lapho isizakubetha, imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe, njengalokhu azazisa izinceku zakhe abaprofethi."*

Zonke lezozinto. NjengeRoma elidala liyisifebe, nawo onke amabandla amaProtestane, amahlelo, ehlela emva kwaso, asebe yizifebe zalo. Niyabona na? Zonke lezozimfihlakalo abaprofethi abakhuluma ngazo ziyokwambulwa khona lapha kulelihora lokugcina. Futhi uma leNgelosi yesiKhombisa isukuma oNyakeni weLawodekiya futhi iqale ukubetha iCilongo leqiniso. . .NGOBA KUYOPHAMBANA, BANGEKE BAKUKHOLWE. Impela bangeke bakukholwe. Kepha kuzoba ngumprofethi ophefumulelwe, ngoba ayikho indlela yokukucabanga. Umuntu uzama ukufanisa umthathu emunye aze abempunga ahlanye. Akekho ongakuqonda. Basakholwa ukuthi u Eva wadla i apula, nazozonke lezozinto. Ngoba kungumthetho umuntu abambelele kuwo, njengoJesu athola ibandla. Kodwa kuyoba ngumprofethi oholwa ngokwasezulwini ukuba iZwi likaNkulunkulu lifike kuye ngencazelo yeqiniso yesambulo sikaJesu Kristu! Ngakho kufanele kube ngaleyondlela! UNkulunkulu asisize.

Manje uma ukubetha kwakhe. . .Manje lokho ngu ISHO KANJE INKOSI! Kusicacele kahle lokho. Uma ebetha umlayezo wakhe—umemezela impi—njengoba kwenza uPawulu ebandleni loMthetho, njengoba kwenza bonke abanye, njengoLuther,

uWesley—bephambene nenhlangano, ngenkathi ememezela impi futhi ebatshela ukuthi baqamba amanga futhi akusilo iqiniso, futhi bangamadoda adukisayo, lapho ebetha lokho, ungeke wehluleke, kungeke kwehluleke, ngoba uyoqinisekiswa yiZwi likaNkulunkulu. Uyokwazi ngempela ukuthi kuyini. Futhi uma ekwenza, uyabetha ukubabiza baphume eBabiloni, "Phumani kulo bantu bami futhi ningahlanganyeli nalo izono zalo." UNkulunkulu uyamthuma—ningakugeji.

Manje, uma eqala ukubetha, imfihlakalo isiyakube ifeziwe. Manje, qaphela: Bese-ke kuba yisikhathi samaPhimbo eziMpawu eziyisiKhombisa eZambulo 10 ukuba embulwe. Niyakuqonda na? Uma zonke izimfihlakalo zeNcwadi seziqediwe, neBhayibheli lasho lapha ukuthi uyozifeza izimfihlakalo. Lapho abantu emuva kweminye iminyaka belwele iqiniso; balwela ukulungisiswa; bayamangala ukuthi kungani ungcweliso, balwela lokhu, futhi balwela lokho, balwela lokhu. . .Benzani na? Baphenduka bajika base bezihlela kukho. Into efanayo—amaPentekoste, namaBaptisti, amaPresbyterians, amaLuthela—bonke benza into efanayo—baphenduka khona lapho base benza into efanayo. NeBhayibheli lasho eSambulweni 17 yilokho abayokwenza. Umame omdala oyisifebe namadodakazi akhe—iBabiloni eliyiMfihlakalo.

IBhayibheli lakusho lokho lapha ukuthi kuyoba ngenye yezimfihlakalo eyosombululwa. AmaProtestane—izifebe, ephinga ngokomoya, ehola abantu ngamahlelo nesitsha sawo sokubi semfundiso eyenziwe ngumuntu, futhi ebadonsa ebasusa emthonjeni ogcwele iGazi lapho amandla kaNkulunkulu uSomandla egobhoza khona ngokukhululeka ukubonakalisa uJesu Kristu!

Uma lokho kuliqiniso, khona-ke uNkulunkulu uyokweseka; futhi Usekwenzile; futhi Uyoqhubeka. Kodwa uma lokho sekufezeka, iZwi seliphelile.

Manje, kunye kuphela okusele. Lokho yimiDumo eyisiKhombisa esingayaziyo; futhi yayingedumele ize. UNkulunkulu akenzi utho ngoba ezidlalela nje. Siyadlala siziphathe nakabi, kodwa hhayi uNkulunkulu. Konke kuNkulunkulu kungu yebo no qhabo. Akafathuzi nje. Akadlali. Usho lokho Akuqondile, futhi Akasho lutho ngaphandle uma kukhona okuqondiwe ngakho.

NemiDumo eyisiKhombisa khona impela esambulweni, lapha, sika Jesu Kristu, kuyimfihlakalo ethize. Alisho yini iBhayibheli ukuthi lesi yisambulo sikaJesu Kristu na? Kuhle, kukhona enye imfihlakalo efihlakele ngakho okwayo. . .?. . .! Kuyini na? ImiDumo eyisiKhombisa inayo. Ngoba uJohane wayesezakuloba nje, nephimbo lehla livela eZulwini lathi, "Ungakulobi. Kodwa kunamathisele ngophawu; kunamathisele

ukuvale. Kubeke kwingemuva leNcwadi." Kuzokwembulwa. Kuyizimfihlakalo.

Manje, sizixazululile lezizinto ngoMoya oNgcwele. Usitshelile ukuthi kwakungesiwona ama apula; kwakuphathelene nobulili. Wasitshela lezizinto. Akukho namunye ongamelana nakho. Angizange ngimbone umshumayeli empilweni yami evumelana nakho. Kodwa ngike ngababuza . . .

Niyazi eChicago, ngenkathi sima phambi kwabo, cishe abashumayeli abangama 350 . . . (Nina besifazane lapha abangabase Chicago, wawulapho futhi nezwa ngakho.) NeNkosi yangitshela kusasele ubusuku obuthathu. Yathi, "Bazokubekela unoxhaka."

Yathi, "Yima efasiteleni, futhi Ngizokutshengisa." Yathi, "UMnu. Carlson noTommy Hicks bazokubona kusasa ekuseni futhi bafuna ukuya ebhulakufesini, futhi utshele uTommy ukuba ahlale. Kodwa," Yathi, "Kuzobukeka kanje: Ubatshele ukuthi abazukuba nawo lowomhlangano endaweni abacabanga ngayo. Bazoba kwenye indawo." Wathi, "Ungesabi, Ngizoba nawe." Lokho kunganele du.

Ekuseni ngakusasa uMnu. Carlson, umongameli wosomaBizinisi be Full Gospel, wafika . . . wathi . . . wangibizela enhla wayesethi, "Mfowethu Branham, ngifuna ukuyodla ibhulakufesi nawe."

Ngathi, "Kulungile." (Ngathi, "Bheka uTommy Hicks uzobalapho naye.")

Sehlela eTown and Country, wayesethi, "Yebo, Mfowethu Branham, o lokhu kuyamangaza . . . "

Ngathi, "Tommy, ungangisiza na?" "Impela, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Angazi noma ungangikhulumela yini."

Wathi, "O, ngi-ngingekwenze lokho."

Ngathi "Ngani? Ngingumfundi webanga lesikhombisa nje futhi ngi-ngiyaye ngithi *umbusi* esikhundleni sika *nompempe. Niyabo? Angikwazi ukukhuluma* phambi kwabo, futhi kuzobakhona iNhlangano yabeFundisi yeChicago eNkulu. Ngizokhuluma kanjani phambi kwabo nemfundo yami yebanga lesikhombisa, Tommy na? Wena unguDokotela wezeNkolo." Ngathi, "Uzokwazi ukukhuluma, mina angikwazi."

Wathi, "Mfowethu Branham, ngingeke ngakwenza lokho."

Ngathi, "Ngani na? Kukaningi ngikusiza." (Ngavele ngakubeka ngokusobala.)

NoMfowethu Carlson wathi, "O Mfowethu Branham, angeke akwenza lokho."

Ngathi, "Ngani na?"

Wathi, "Cha . . . da . . . da . . . da . . . ku . . . e."

Ngathi, "Uyazi ukuthi kungani na? WENA uyazi ukuthi kungani, kodwa awufuni ukungitshela. Kunonoxhaka abangibekele wona." Ngathi, "Mfowethu Carlson, uthole leyondlu yasehhotela, awuyitholanga, lapho esasinelinye idili khona na?"

"Yebo."

Ngathi, "Anizukuyithola."

Wathi, "Awu Mfowethu Branham, sesize sayikhokhela nediphozi."

Ngathi, "Angikhathali ukuthi ninani, awuzukubabikho lapho. Leyo yindlu enombala oluhlaza-tshani. Sizoba sendlini enombala onsundu. Ngizobe ngisemuva ekhoneni. U Dr. Needle uzohlala ngakwesokudla. Leyondoda yekhaladi nomkayo bazohlala lapha, nosibanibani. Kuzobe kukhona umpristi wenkolo kaBhuda ehlezi ngasekugcineni kwami kwesokudla, nokuthi bazobe begqoke kanjani." Futhi ngathi, "Uyazi ukuthi kuyini, Tommy. NingabeNhlangano yenu yabeFundisi yeChicago eNkulu izongicela inselelo ngomBhaphathizo eGameni likaJesu Kristu! INhlangano yabeFundisi yeChicago eNkulu izongicela inselelo ngesibonakaliso sokuba noMoya oNgcwele ukhuluma ngezilimi! Bazongicela inselelo ngeNzalo yeNyoka, nangokushumayela ngomusa."

UTommy wabheka ngale wayesethi, "Bakithi." Wathi, "Angicabangi ukuthi ngizoke ngihambe."

Ngathi, "Yebo, woza."

Futhi ngosuku olulandelayo, umuntu owayethathe idiphozithi, wambuyisela idiphozithi, wayesethi, "Sinabadlali bezinsimbi. Bese kubhukiwe, sasuke sakukhohlwa leyonto yalahleka; futhi bese siyinikeze abadlali bezinsimbi, ngakho ngeke uyithole." Futhi saphuma saya eTown and Country.

Ngangena ngalokho kusa, nalapho bema bonke. Ngenkathi ngihlala phansi emva kwedesk, emuva laphaya, ngilindile, emva kokuba sebedle ibhulakufesi, ngabaqalaza kanjalo, (Saba nebhulakufesi endlini, kwaphunywa, kwahlalwa phansi) futhi kwakukhona iNhlangano yabeFundisi eNkulu yaseChicago. Ngabaqalaza. Yilowo nalowo bezethula njengo Dokotela Ph.D., Ll., "Q.U.S.T." nazozonke lezonhlobo zezinto ezinjengalokho. Ngahlala nje ngabalalela.

Baze baqeda. NoMfowethu Carlson wasukuma. Wathi, "Banumzane . . . " (Futhi nonke niyamazi uHank Carlson. Ngani, sinakho eteyipini khona lapha. Uma ufuna ukuyithenga iteyipu ikhona. Abafana banayo). Wathi, "Banumzane . . . " Wathi, "Nginethulela olandelayo, uMfowethu Branham." Wathi, "Mhlawumbe nonke ningaphikisana naye emfundisweni yakhe, kodwa ake nginitshele okuthize: Ezinsukwini ezintathu ezedlule

sahlala endaweni, futhi uma leyondoda yayingangitshelanga konke okwenzeke namhlanje ekuseni, ngabe angimile lapha. Ungitshele ukuthi nonke nanihlelela ukumbuza ngemfundiso yakhe, futhi wangitshela ukuthi ngizoyesula lena enye indawo ngibe lapha, futhi wangitshela impela lapho uDr. Mede, nalababantu abazobe behlezi khona, kwaba yikho ngempela, futhi nampa balapha." Wathi, "Ningaphikisana naye, kodwa ngisho into eyodwa, akesabi ngalokho acabanga ngakho." Wathi, "Manje, Mfowethu Branham, inkundla eyakho."

Ngathi, "Ngaphambi kokuba siqale," (Ngafunda lokhu engikufunde namhlanje ekuseni, Angibanga Ngongawulaleliyo Umbono WaseZulwini.) Ngathi, "Manje ake silungise lokhu. Manje, nonke nikhuluma ngokuba ngoDokotela bezeNkolo, kepha ngimi ngedwa lapha. Ngathi uma lokho kunjalo, nifuna ukungibuza ngomBhaphathizo eGameni likaJesu—sizoqala ngalokho kuqala. Ngifuna omunye wenu indoda ukuba ulethe iBhayibheli lakho ume lapha eceleni kwami, kunoma yikuphi engikufundisileyo." Ngathi, "Akame lapha eceleni kwami! NangeZwi likaNkulunkulu, aqinise ukuthi akunjalo." Ngalinda, futhi akukho muntu owathi vu. Ngathi, "Ngicela abanye benu indoda ukuba ize ime eceleni kwami. Ngathi yini indaba ngani na? Ngakho-ke sukani emva kwami, uma nesaba ukuma lapha eceleni kwami." Akusimina abamesabayo. YileyoNgelosi kaNkulunkulu uSomandla, abaziyo ukuthi uma Ingangitshela kungakenzeki ukuba ngize, bazi . . . Babehlakaniphe kakhulu kunanoma ngangicabanga. Babazi kahle ukuba bangake bame lapho.

Niyazi benisezikhathini . . . salezozikhathi futhi, kodwa abazange bakwenze. Yini indaba na? Uma kukukhulu kangaka futhi bayazi ukuthi kuyiqiniso kangaka . . . Ngikufaka kuteyipu, futhi noma yikuphi ngilungele, ukukuxoxisana ngendlela yobuKristu nanoma yimuphi umfowethu. Angeke ngaphikisana namuntu, kodwa ngifuna nifike niqinise ukuthi akunjalo noma yikuphi kukho ngeZwi—hhayi ngebhuku lakho eliphethe indaba yesifundo manje, hhayi ngalokho uDokotela usibanibani, kumbe usibanibani oNgcwele, akushoyo. Ngifuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu wathini. Yilokho okuyizisekelo. Ngifuna ukwazi ukuthi lokho kuyini. Abakwenzi.

Manje bukani, uma sekuyisikhathi samaPhimbo ayisiKhombisa (futhi kuyisikhathi samaPhimbo ayisiKhombisa uma iNcwadi isiphelelisiwe) eZambulo 10 ukuba embulwe. Manje qaphelani, lalelani. (Manje angisezukunibambezela isikhathi eside, ngiyazi ngiyanikhathaza phandle lapha; sekungamashumi amabili emizuzu ngaphambi kweleshumi). Lalelisisani, manje. Ngiyazi nimile futhi nonke nishintsha izikhundla nezinto. Ngizojabula uma indlu yokukhonzela isilungile ngakho ngeke sisaba nenkwantshu. Singathatha

usuku lonke sikushumayela.) Manje qaphelani. Manje bhekani, amaPhimbo ayisiKhombisa ayeyimiDumo—UKUQHUMA!

Nkulunkulu sisize! Uma nginephutha, Nkosi ngithethelele.

Nginibuza umbuzo. Laqhuma nomDumo, ngenkathi leliphimbo lizwakala. Nike nakuqaphela ukuthi lapho iziMpawu eziyisiKhombisa, ezalandela imiNyaka eyisiKhombisa yeBandla—ngenkathi kuvulwa uPhawu lokuQala, ukuthi kwabakhona ukuDuma na? UPhawu lokuQala eNcwadini lwavulwa, kwabakhona ukuDuma. Lungeke yini pho uPhawu lokuQala lweNcwadi engaphandle luvule ngendlela efanayo na? UNkulunkulu akaluguquli uhlelo lwaKhe.

Ake sivule ngale eSambulweni 6.

> *"Ngase ngibona lapho iWundlu selivule olunye lwezimpawu, ngezwa, njengezwi lokuduma, nesinye sezidalwa ezine sathi, Woza ubone."*

Manje, akukaze kubekhona okunye ukuDuma; nophawu lokugcina lwavulwa, kwabakhona isikhathi eZulwini inxenye yehora sokuthula. Kodwa uPhawu lokuQala lwavulwa, kwabakhona ukuqhuma kokuDuma.

O bandla, ngabe yikho na? Siqhele kangako na? Bangane, cabangani! Mhlawumbe. . ., ngiyethemba akunjalo, kodwa uma kuyikho na? KWAKUYINI LOKHO KUQHUMA NA? Futhi phambi kukaNkulunkulu naleliBhayibheli elivulekile, angiqambi amanga! Ukuqhuma okwazamazamisa umhlaba. Futhi lapho uPhawu lokuQala kweziyisiKhombisa olwavulwa eBhayibhelini, lwaphuma—olulodwa nje—kodwa uku QHUMA okwazamazamisa yonke into. UkuDuma. Ngakho-ke, uma iziMpawu olungemuva lungavuleka, kungebe ukuDuma futhi na? Angazi. Ngingeke ngasho.

Kwakukhona ukuDuma. UPhawu lokuQala. NoPhawu lwalungukuDuma, iCilongo lavulwa ngalesosikhathi, neCilongo labethwa ePentekoste, kunjalo. (Angizukungena kulokho.)

Manje, uma umbono wawungokombhalo, (umbono engikhuluma ngawo, engawubona ngoMgqibelo odlule ekuseni—osekuphele iviki manje). UMA, manje khumbulani lapha, UMA umbono wawungokombhalo, ufanele uhunyushwe ngumBhalo, noma ukuqhubeka komBhalo ofanayo! (Ngithe ukulinda ukuze kungene.) Uma lokhu engikubonile . . . Ukuthi kwakuyini angazi, kodwa ngibulawa ukwesaba! Ngabe sesichithekile na? Sisekupheleni na? Khumbulani, leNgelosi yathi uma lokhu kwenzeka, Yafunga ukuthi isikhathi asisayikubabikho. Angazi noma lokhu sikuzwa kahle ngempela na?

Uthi, "Yebo kubonakala sengathi kuzoqhuma ngaphesheya . . . Mfowethu, Ufika ngomzuzu ngenkathi ungacabangi. Uyokuzwa esikhathini sakho sokugcina.

Manje, ngabe kucacile na? Lapho uPhawu lokuQala luvulwa—uPhawu olwalungaphakathi kweNcwadi, leziziMfihlakalo ezazibethwa—Ukulungisiswa, Ungcweliso, iBandla eliRoma eliKatolika, amaProtestane, futhi nalapho zonke izimpi zabo ezincane nezinto zishiya lezi ebezinganakiwe eZwini likaNkulunkulu, iNgelosi yesiKhombisa iyafika izibuthe zonke bese izichaza. Niyabona na? Futhi bese iqeda, imiDumo eyisiKhombisa yakhuluma! NoJohane waqala ukuloba. Yathi, "Ungakulobi, kodwa kunamathisele ngophawu." NoPhawu lokuQala lwavulwa lweziMpawu kwingaphakathi leNcwadi; lwavulwa nokuDuma.

Uma lona kungumBhalo, kuphela unga . . . Uma noma yimuphi umBhalo uyinoma yini efanele ibe ngeyeBhayibheli . . . Kunjengoba ungeke wangitshela ukuthi kukhona into okuthiwa yisihlanzo nezinto ezinjalo. Awukho umBhalo eBhayibhelini okwesekayo.

Ungeke ungitshele ngalezizinto njengeNcwadi kaMaccabees, okungenzeka ukuba ikahle, naleyoNcwadi yesine kaDanyela, lapho iNgelosi yambamba khona ngezinwele zekhanda yamhlalisa phansi. Ayikho into enjengaleyo eyake yenzeka eBhayibhelini—lapho uJesu waseNazaretha abumba khona inyoni yodaka encane, wase eyifaka imilenze, wayesethi "Whiwu! Suka undize nyonyana encane"—kungumbhedo. Akukho lutho eBhayibhelini olweseka lokho.

Ngakho akwenzi buwula . . . Abahumushi—uNkulunkulu ubonile ukuthi abahumushi ngeke baze bazenezele lezozimfundisa ezingaphikiswa nombhedo. Kungahle ukuba kwakungabantu abalungileyo, abafo bakaMaccabee kulokho . . . Angisho ukuthi babengesibona abantu abalungileyo, kodwa kwakungesikho okombhalo. Lesi yisambulo esiphelele sikaJesu Kristu. Ayikho into engenezelwa kuSo, kumbe kususwe kuSo. Futhi uma sifaka lokho phakathi lapho, akusebenzisani nomBhalo wonke. Zingama 66 izincwadi zaleliBhayibheli, futhi akukho nalinye izwi eliyophikisa elinye!

Kanti futhi uma lokhu kungukuqhubeka kokubethwa kwalamaCilongo okugcina kumbe lemiDumo eyisiKhombisa yokugcina ezayo—iziMfihlakalo, uPhawu lokugcina, luyofanele luncintisane kumbe luqhathaniseke nomBhalo wonke. Futhi uma lezo zokuqala phakathi lapho zavulwa nokuqhuma kokuduma, ezesibili zizobanjalo futhi, ezingemuva.

Qaphelani ukuthi kwenzekani. Uma umbono wawungumBhalo, ngakho ufanele ukuchazwa ngumBhalo, kumbe ukuqhubeka komBhalo ofanayo.

Qaphelisisani, iZambulo :3no4. ImiDumo eyisiKhombisa . . . ImiDumo eyisiKhombisa! Futhi-ke qaphelani . . . (3-4). Bese kuba yini na? Isifungo esivela kuleyoNgelosi enamandla ukuthi isikhathi sasesiphelile. Uma lemiDumo, niyabo, yaveza

amaPhimbo ayo, bese-ke iNgelosi. . .Kucabange nje—iNgelosi yembethe ifu, nothingo lwenkosikazi lumboze lwazungeza ikhanda laYo, (Yebo, niyazi ukuthi ngubani lowo!) yabeka unyawo olulodwa phezu komhlaba naphezu kolwandle yase iphakamisa isandla saYo yafunga ukuthi uma leyomiDumo eyisiKhombisa isizwakalise amaPhimbo ayo, ukuthi isikhathi asisayikubakho! Futhi uma intshumayelo yeziMfihlakalo zikaNkulunkulu isiphelile—uma-ke lokho kungukuvela kwalezo ziMfihlakalo eziyisiKhombisa na?

Futhi ibandla elincane elithobe njengelethu, uSomandla ofikile futhi wanakelela ifa eliphansi labantu baKhe.

Uthi, "Cha angicabangi kanjalo." Kungebesikho, kodwa UMA KUYIKHO KE? Ngakho-ke isikhathi sesiphelile. Nike nakucabanga na? Zikhathazeni. Kungahle ukuba sekwedlule kunoma sicabanga.

Lezozinkanyezi ziwela emthaleni wazo emuva ngaleya: leyoNgelosi ifika yathi, "NjengoJohane wathunywa ukuzoqedela iTestamente eliDala, nokuzoveza ukwethulwa kukaKristu, umlayezo uyoqedela okuseleyo bese wethula uMesiya, ngaphambi nje kokufika kwaKhe"—umlayezo wezinsuku zokugcina. Qaphela, iNgelosi enamandla yafunga, ngesifungo, ukuthi isikhathi asisayikubabikho. Manje, angifuni ukunihlalisa isikhathi eside. Ake nicabange ngalokhu umzuzu nje, manje.

Manje lalelani. LeNgelosi yehla ivela eZulwini. Niyabo, ezinye iziNgelosi eziyisiKhombisa zamaBandla ayisiKhombisa zaziyizithunywa zasemhlabeni, kodwa leNgelosi—wonke umlayezo usuphelile. INgelosi yesiKhombisa iqedela yonke into. NaleNgelosi iyafika, hhayi emhlabeni—Ayisuye umuntu ovela emhlabeni, njengezithunywa emiNyakeni yeBandla; lokho sekuphelile—kodwa leNgelosi iletha esinye isimemezelo, (futhi ingelosi isho isithunywa) futhi Yehla ivela eZulwini yembethe leyoNsika yokuKhanya—ifu, nothingo lwenkosikazi phezu kwekhanda laYo; nothingo luyisivumelwano. KwakunguKristu, nonyawo olulodwa phezu komhlaba nolulodwa phezu kolwandle, yase i FUNGA ukuthi isikhathi asisayikubabikho.

Sikuphi, baNumzane na? Kumayelana nani konke lokhu na? Ngiyanibuza.

Ezinye izingelosi yayiyizithunywa—umuntu wasemhlabeni. Kodwa leNgelosi. . .kwasho lokhu, ezingelosini zeBandla laseLawodekiya; engelosini yeBandla lase Efesu—izithunywa zomhlaba. Niyabona na? Umuntu; izithunywa; abaprofethi, nokunjalo eBandleni. Kodwa Lena ayivelanga emhlabeni; Yehla ivela eZulwini, ngoba iMfihlakalo yonke isiphelile. Futhi lapho iMfihlakalo isiphelile iNgelosi yathi, "Isikhathi asisayikubabikho," nemiDumo eyisiKhombisa yezwakalisa amaphimbo ayo.

Uma-ke kuyinto yokusazisa ukuthi kungenwa kanjani okholweni lokuhlwithwa! Yilo na? (Ngabe sizogijima sigxume phezu kobonda na?). Ngabe kukhona okuzokwenzeka, nalena emidala eyonakeleyo, imizimba emibi kakhulu izoguqulwa na? Ngingaphila ngize ngikubone, o Nkosi na? Ngabe sekuseduze ukuba nami ngizokubona na? Ngabe yilesisizukulwane na? Banumzane, bazalwane bami, SIKHATHI SINI NA? SIKUPHI NA?

Ake sibheke iwashi—ikhalenda—ukubona ukuthi suku luni esiphila kulo. UIsrayeli wayesePalastine, ezweni lakubo lendabuko. Uphawu lokugcina—iNkanyezi kaDavide enemicijo eyisithupha, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlulayo, (yebo, cishe eminyakeni eyizi 2500 eyedlula) ifulege elidala kunawo onke, liyabhakuza. UIsrayeli usebuyele ezweni lakubo lendabuko. “Lapho umkhiwane usuhluma, lesisizukulwane asizukufa—asiyikudlula—sedlule kuze kugcwaliseke konke.”

“Izizwe ziyehlukana,
UIsrayeli uyavuka;
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo.
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe;
Ngokwesaba okukhulu okuthiyayo,
Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini.
Usuku lokuhlengwa seluseduze.
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba.
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa.
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

Abaprofethi bamanga baqamba amanga;
Iqiniso likaNkulunkulu bayaliphika,
Ukuthi uJesu uKristu unguNkulunkulu wethu” . . .
(Niyazi ukuthi kuliqiniso!) . . .
“Kodwa siyohamba lapho abapostoli benyathele khona.
Ngokuba usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngukwesaba.
Gcwaliswani ngoMoya.
Izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa.
Bhekani phezulu ukuhlengwa kwenu sekuseduze.”

Kungenzeka ukuba sekuseduzane kunanoma ningacabanga ukuthi kunjalo. Kungesabisile! O, angikakwenzi okwaneleyo! Sikuphi na?

Isikhathi asisayikubabikho. Imemezela ukuthi isikhathi sesiphelile. Kwenzekani na? Kwenzekani na? Kungabanjalo,

manje Bazalwane na? Cabangisisani ngempela! Uma kuyikho, ngakho isivivane sivalwe phezulu yimiDumo eyisiKhombisa.

Niyawukhumbula umlayezo wesivivane na? Uyitshe elivala phezulu. Wenzani na? UMoya oNgcwele wavala phezulu ngomuntu ngamunye wase usinamathisela ngophawu ngenkathi sengeza ekukholweni kwethu: ukulunga, nokukhonza, nokukholwa, nokunjalo—sasiyilokhu siqhubeka sengeza kukho saze sathola izinto eziyisikhombisa, neyesikhombisa kwakuluThando olunguNkulunkulu. Umenza kanjalo umuntu ngamunye. Uyamsibekela amphawule ngoMoya oNgcwele. Ngakho uma lokho kunjalo. UnemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa kuyona Akade eneziMfihlakalo eziyisiKhombisa ebezizwakala kude futhi bazilwela ukuba zibuyiswe, futhi manje iNhloko yetshe ifika ilisibekele iBandla. Ngabe imiDumo ichaza lokho, baZalwane bami na? Banumzane, ngabe yilapho esikhona na?

Junie, ngifuna ukuthatha iphupho lakho. Buka! Junior (ngaphambi kokuba kushunyayelwe ngesivivane, izinyanga phambi kwaso) wabona leliphupho. Uthi, "Kuthiwani ngephupho."

UNebukadinesari waphupha iphupho (elachazwa nguDanyela) elakhuluma ngokuqala koNyaka wabeZizwe, nokuthi uyoyeka nini. Wenzeke ngaleyondlela impela nje. Akukho nokukodwa okuphuthileyo.

Niyaqaphela, umbhalo lo owawusemadwaleni; ngangimhumushela wona. Yayiphakeme. Leyo yiMfihlakalo kaNkulunkulu, ebiyilokhu ingaqondakali iminyaka. Ngabe yilokho na? Futhi-ke qaphela. Ngendlela eyimfihlakalo ethize, sacosha (emoyeni) ithuluzi elicijile elavula isiqongo, futhi phakathi lapho kwakukhona igwadle elimhlophe, kodwa akuhunyushwanga. Kwakungekho magama. Angikuhumushanga lokho, Junior. Ngavele ngakubuka nje, ngase ngithi kubazalwane, "Bukani lokhu," futhi lokho kugcwaliseke namhlanje ebusuku! Ngenkathi besakuhlolisisa lokho, ngathi nyelele ngaqonda ngaseNtshonalanga. Ngiyokwenzani na? Mhlawumbe ukuqonda incazelo yokuthi kulotshweni esiqongweni salokhu. Ngabe yikho na?

Nalezo ziqhumane, ngokunye ukusa, okwanginyakazisa ngathi thwi, ngaze ngaphakamela emoyeni ngaphakama ngangalendlu, nalowomthala weziNgelosi, iziNgelosi eziyisikhombisa, esimweni sesivivane. Ngabe yileyomiDumo ezayo na? Kungaba yiyo na? Konke lokhu kuhunyushiwe. Ngokwephupho lakhe, sekuphele konke. NgokweZwi likaNkulunkulu, isiThunywa sesiKhombisa sizoqeda . . . umlayezo wesikhombisa uyoba usuphelile.

Bese-ke kuba yimiDumo eyisiKhombisa, futhi wabona itshe lokuvala phezulu ligingqwa, abantu abaningi abangazi ngisho

ukuthi kukhona iziMpawu eziyisiKhombisa ezizokwambulwa. Ngifunde izincwadi eziningi zabantu ngeSambulo, futhi angizange ngizwe kukhulunywa ngayo. Bayakweqa lokho. Kodwa nitsheliwe nina ukuthi kulapho! Angazi ukuthi kuyini! Ngabe lokho yilokho na? Nkulunkulu yiba nomusa kithina. Uma kuyilokho, sisehoreni elinzima.

Manje, akenithi umzuzu nje. Bukani. Uma lokho kuyikho, nemfihlakalo isiphelile eyalotshwa kulamadwala, ngiyajabula ukuhlala ebandleni nabantu abangabakhonzayo, uNkulunkulu akwazi ukubanika iphupho. Ngiyajabula ukwethula kulaba besilisa nabesifazane abakhonza ebandleni likaJunior, nakulelibandla, nakwabakaMfowethu Neville, ukuthi kukhona abantu abahlezi kulelibandla, neBhayibheli lathi, "Bayophupha amaphupho ezinsukwini zokugcina."

Futhi nakhu, futhi kubukeni. Kuqhathaniseka neZwi.

Ngingazi lutho ngakho, kwavela uku QHUMA futhi nakhu kufika iziNgelosi eziyisikhombisa zivela kwingunaPhakade. Ngathi, "Nkosi, ufuna ngenzeni na?" Akwaziswanga. Ngingahle ngihambe ngiyothola kuqala. Angazi. Kungahle kungabisikho ngisho lokho, angazi. Ngiyasho nje, "Uma kuyikho-ke?" Uma kungokombhalo, lokho kuzwakala kusondele kakhulu kukho. Anicabangi kanjalo na?

Bukani, bukani-ke, iTshe eliyisivalo saphezulu alizange lihunyushwe, niyabo. "Yana eNtshonalanga, bese uyabuya." Kumbe yilokhu na? Uma leziziNgelosi eziyisikhombisa kulesisixuku eseza kimi. Futhi lapho sengihlangana nani ngosuku lokuvuka, niyobona ukuthi angiqambimanga. UNkulunkulu uMahluleli wami.

Kumbe ngabe yilolovuthondaba lwesibili engakhuluma ngalo ngelinye ilanga. Ngabe kungokokunye okuzovela kweBandla na? Angazi. Bengingahlala kulokho kancanyana, kodwa ngizodlulela phambili.

Kungahle ukuba yilowoMdumo onamandla, kumbe yiNgelosi yesiKhombisa emthaleni oyisikhombisa, umthala wesikhathi sesikhombisa, isivivane esibunjiwe, zintathu ecaleni ngalinye, neyodwa esiqongweni, futhi zehla zivela ePhakadeni. Ngabe yilokho: Ngabe lena yiMfihlakalo yemiDumo ezobuyisa iNhloko yetshe na?

Niyazi, isivivane sasingalokothwa sivalwe phezulu. INhloko yetshe isazofika. Ibinqatshiwe. Kungaba yiyo, baZalwane, boDadewethu.

Kumbe yilokhu lowomdonso wesithathu Angitshela ngawo eminyakeni emithathu kumbe emine eyedlule.

Umdonso wokuqala—niyakhumbula ukuthi kwenzekani na? Ngazama ukukuchaza. Wathi, "Ungakwenzi lokho."

Umdonso wesibili—Wathi, "Ungazami . . ." futhi ngadonsa nokho. Niyakukhumbula na? Nonke niyakhumbula, kuseteyipini, nakho konke.

Futhi Wayesethi-ke, "Manje kukhona umdonso wesithathu ozayo, kodwa ungazami ukuwuchaza."

Niyabona ukuthi ngifinyelele kanjani kulokhu namhlanje ebusuku na? Angazi. Kodwa ngizwa ngibophezelekile eBandleni lami ukusho okuthize. Zenzele isiphetho sakho.

Manje, ngabe lena kuzoba yiMfihlakalo ezovuleka, ezoletha uKristu, ilethe amandla eBandleni na? Niyabona sesivele . . . Siyakholelwa ekuphendukeni, ukubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Siyakholelwa ekwamukeleni uMoya oNgcwele. Sinezibonakaliso, izimangaliso, izimanga, ukukhuluma ngezilimi, nezinto iBandla lakuqala elalinazo. Futhi ngokusobala, kubenokuningi okwenziwe khona lapha kunalokho okulotshwe eNcwadini yeZenzo, kuleliqembu elilodwa elincane labantu, lentshumayelo yethu encinyane lapha. Nithini ngomhlaba wonke na? Niyabo. Miningi kunale elotshwe eNcwadini yeZenzo. Uhlobo olufanayo—ukuvuswa kwabafileyo. Khumbulani, kwabakhona abantu cishe aba 3 abavuswa nguJesu Kristu kwabafileyo, futhi sinakho okusemlandwini (umlando kadokotela) bahlanu. Niyabo. "Imisebenzi engiyenzayo, eminingi kunalena niyoyenza."

Ngiyazi ukuthi iKing James ithi *emikhulu*, kodwa akukho okukhulu ongakwenza—okuningi kwakho. Wayeseku Muntu oyedwa ngalesosikhathi, UseBandleni lonke manje. Niyabo. "Eminingi kunalo niyoyenza, ngokuba Ngiya kuBaba."

Uma lona kungumdonso wesithathu, khona-ke kukhona intshumayelo enkulu esekhona ngaphambili. Angazi. Ngeke ngasho, angazi.

Qaphelani. Umdonso wesithathu. Ake sime kulokho umzuzu. Embonweni, ukundiza kokuqala kwakuyizinyoni ezincane zesithunywa; kwakulapho ngenkathi siqala okokuqala. Kwakhula kusuka ekubambeni nje umuntu ngesandla . . . futhi niyakhumbula ukuthi Wangitshela ukuthini: "Uma uyobaqotho, kuyokwenzeka ukuthi uyokwazi imfihlo yenhliziyo yabo impela." Bangaki abakukhumbulayo lokho kumenyezelwa lapha nasesizweni sonke na? Futhi ngabe kwenzeka na? Impela. Kwase kuthi-ke, "Ungesabi, Ngiyoba nawe." Niyabo futhi kuyoqhubeka.

Manje umdonso wokuqala wawuyizinyonyana ezincane; zase zindiza. Zaqhubeka zahamba ukuhlangabezana nesikhathi; ukuhlangabezana nokubuya kweNkosi—umlayezo wokuqala. Isikhathi sesibili—izimfihlo zenhliziyo. Kusukela ekubambeni umuntu ngesandla, nokuma lapho nje bese kushiwo ababenakho. Isikhathi esilandelayo kwembula izono zabo futhi kwabatshela ukuthi kufanele benzeni futhi benze . . .

Kunjalo na? Ngakho lokho kwenzeka ngokuphelele, njengalokho uNkulunkulu akusho, futhi ningofakazi kanjalo nezwe, kanjalo nebandla.

Ngenkathi ngithi, “Ngabona iNgelosi, futhi kwakungumlilo wegwadla elihle kakhulu eliluhlaza owawusha,” abantu bahleka base bethi, “Billy, hlakanipha.” Umshini wokuthwebula into ekude weso lesayense lomshini wokuthwebula izithombe waKuthwebula. Ngangingaqambimanga. Ngangikhuluma iqiniso. UNkulunkulu wakuqinisekisa. Ngathi, “Ubumnyama buyakwengamela; ukufa kwakho—okumnyama; futhi lokhu kumhlophe. Okunye ukuphila, nokunye ukufa.” Nakho lapho esithombeni ngemuva lapho. Ukuthi i Njengoba uGeorge J. Lacy wathi: “Iso lomshini lalomshini wokuthwebula izithombe lingeke lithwebule ukusebenza kwengqondo nemicabango yomuntu.” Niyangilandela na? [Ukufakazela lezizithombe bheka iVolum II, Izino. 8 No 9—Umhl.]

Qaphela, ukundiza kokuqala okuncane—isandla. Okwesibili kwakukukhudlwana, okumhlophe—amajuba—uMoya oNgcwele wembula izimfihlo zenhliziyo. Nokundiza kwesithathu kwakuyizi NGELOSI! Hhayi izinyoni, iziNgelosi! Futhi lokho yisikhathi sokugcina. Kuyilokho konke.

Kuyoba yilesisikhathi baZalwane na? Yiso lesisikhathi na?

Manje, lalelisisani impela, futhi ningakuhumushi ngokungesikho lokhu. Ngifuna ukunibuza okuthize.

Asibuyele emuva, umzuzu nje. Ibandla liyazi ukuthi kuliqiniso. Umhlaba wesayense uyazi ukuthi kuliqiniso. Nabantu bahlezi lapha namuhla ebusku, nabaningi basaphila, ababemi phezu komfula ngenkathi leloPhimbo likhuluma lokho lase lithi, “NjengoJohane wathunyelwa nomlayezo wokufika kokuqala, unjalo nomlayezo lo wesibili wokufika kwesibili.” Niyakhumbula na? Futhi uma sekuphelile, wenzani uJohane na? UJohane nguye owathi, “Bheka, nanto iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe. NguYe.”

Ngabe ihora . . . ngabe selifikile, bazalwane bami. Angisho ukuthi selifikile. Angazi, kodwa ngiyanibuza. Ngifuna nicabange. Kumbe ngabe lesi kuyoba yisikhathi lapho kuyophinda futhi, “Bheka, iWundlu likaNkulunkulu;” kumbe isikhathi sikaMalaki 4—ukuphendula izinhliziyo zabantwana zibuyele okholweni lwawobaba bethu. Ngabe kuyoba ukuqhuma okungaka ukuthi kuyo . . . okuyokwenza izinto ezinkulu kangaka ngangokuthi kuyoze kubeke iBandla, ebelikade litshekile, futhi lingenakuziqonda iziMfihlakalo zikaNkulunkulu, nokunjalo; lapho bebona lokho kuqhuma okunamandla kukhukhula, ngabe kuyophendula izinhliziyo zabo zibuyele kobaba, njengoba iBhayibheli lathi kuyokwenzeka na? Noma lona kwakungumlayezo osuvele usuwedlule, obekufanele ukwenze na? Angazi. Lesi yisibonakaliso sesikhathi sokugcina,

Banumzane. Kumbe lesi yisibonakaliso sokuthi sekuphelile na? Kubukeka kungokombhalo impela kimina. Angazi.

Kwakukhona lezoziNgelosi. Kwakukhona ukuqhuma, njengokuduma, okwazamazamisa umhlaba wonke. UNkulunkulu uyazi ukuthi ngikhuluma iqiniso. Khumbulani nje, kukhona okufuna ukwenzeka. Angazi ukuthi kuyini, kodwa kungabe yilokhu na? Isizathu sokuba ngisho lokhu: zilungiseleleni.

Asithandazeni. Sithandaze kanjani na? Sithathe indawo yethu empini yamakholwa aKhe futhi sizilungiselele, ngokuba kungahle ukuba sekusemuva kunoma sicabanga. Niyangazi, futhi angikaze nginitshele amanga kuze kube manje, ngokwazi kwami. Futhi njengalokhu uSamuweli wathi kubo, "Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi, akwangenzeka na?" Manje, ngiyanitshela manje, angazi ukuthi lokhu kuyini; angikwazi ukukusho ukuthi lokhu kuyini. Angazi. Kodwa ngizonitshela iqiniso—ngiyesaba. Njengomfowenu, bengilokhu ngesaba kusukela ngoMgqibelo odlule.

Kungaba yisikhathi sokugcina. Kungaba yisikhathi sezintingo zenkosikazi ukuba zibhebhetheke esibhakabhakeni nesimemezelo esivela emazulwini sithi, "Isikhathi asisekho." Uma kuyikho, asizilungiselele, bangane, ukuhlangabezana noNkulunkulu wethu.

Bekunokudla okuningi kubekwe phakathi manje; asikusebenzise. Asikusebenzise manje. Kanye nami lapha emsamo, ngikhala kuNkulunkulu, "Nkosi Jesu, yiba nomusa kimi."

Ngizamile ukuphila kangcono kakhulu kwengikwaziyo. Ngizamile ukuletha imilayezo, ngendlela engcono kakhulu engingayiletha ngayo isuka eZwini likaNkulunkulu. UNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami. Kepha ngenkathi lowomthala weziNgelosi ushanela lowomhlabathi, ngaphela amandla. Ngangingakwazi ngisho ukuzwa ngokuthinta isikhathi eside. Kwezwakala ngisho . . . isikhathi eside kamuva ngizama ukuhamba endlini, ngisho nasemgogodleni wami, futhi phansi kuya phezulu entanyeni yami, ngangingenamandla nhlobo-njengokungezwa lutho engingaluzwa ezandleni zami. Ngangisangene usuku lonke. Ngavele ngahamba ngangena endlini ngahlala phansi.

NgeSonto ngehlela lapha ukuzokhuluma, futhi ngazama ukuzinyakazisa kukho ngokuba ngikhulume; ngoMsombuluko kwase kukhona futhi. Futhi kulapha manje. Futhi angazi; angazi, Banumzane. Kuphela ngiqotho kini njengabafowethu. Angazi.

Ngabe—ngabe yiso isikhathi na? Ngabe iMfihlakalo isiphele yonke na? Ngabe ukubetha kubesezindaweni zonke na? Ngabe yiyo ngempela leyo imiDumo eyisiKhombisa ihlelela

ukukhuluma okuthize iqembu elincane elibuthane ndawonye lizokwamukela ukholo lokuhlwithwa ukuba liye ekuHlwithweni nxa Efika; ngokuba siyoguqulwa ngokushesha njengokufika kwalezoziNgelosi—ngesikhashana, ngokuphazima kweso, futhi siyohlwithwa ndawonye kanye nalabo abalele ukuhlangabeza iNkosi emoyeni.

Umthandazo wami yilokhu: Nkulunkulu uma lokhu kunjalo, angazi Nkosi, bengitshela iBandla nje. Uma kunjalo, Nkosi, lungisa izinhliziyo zami. Senze silungele, Nkosi lelohora elikhulu lelo wonke umlando wesikhathi, bonke abaprofethi nezazi bebebheke lesosikhathi. Nkosi, angazi ukuthi ngingathini, ngingesaba ukuthi, "Ungezi Nkosi." Ngingazizwa nginamahloni uma ngibuka futhi ngibone izwe lisesimweni, futhi angenzanga okungaphezu kwalokho engikwenzile ngakho; nginamahloni ngami. Uma likhona ikusasa, Nkosi, gcoba inhliziyo yami; ngigcobe kakhudlwana, Baba, ukuze ngenze konke engingakwenza ukuletha abanye kuWe. NgingowaKho.

Ngizwa njengo Isaya esethempelini ngalolosuku ngenkathi ebona iziNgelosi zindiza ziya emuva naphambili, namaphiko emboze ubuso bazo zimboze nezinyawo zazo, futhi zindiza ngamaphiko—"Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele." O, wanyakaziswa kanjani lowomprofethi osemncane! Waqala ukukhula kancane; futhi lapho ebone lokho, nanoma wayeyibonile imibono wamemeza kakhulu, "Maye kimi."

Baba, mhlawumbe ngizwe into enjengaleyo, ngenkathi ngibone lezoziNgelosi ngobunye ubusuku—kumbe ngokunye ukusa, njalo. Maye kimi, ngokuba ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile, futhi ngihlala phakathi kwabantu abangcolile.

Futhi Baba, ngihlanze; futhi ngilapha, thuma mina, Nkosi, noma ngabe kuyini oku . . . njengoba ngima kulelipulpiti lapho ekade ngilokhu ngikhona iminyaka engamashumi amathathu. Uma kukhona utho, Nkosi, Ofuna ngilwenze, nangu mina. Ngilungele, Nkosi. Kepha mangifumane umusa ebusweni baKho, ngokuzithoba, ngiyathandaza.

Ngithandazela umhlambi omncane, uMoya oNgcwele ongenze umbonisi wawo, ukubondla. Futhi ngenze konke okusemandleni engikwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, Nkosi, ukubondla ngeSinkwa sokuPhila. Njengakulowombono, eminyakeni eminingi eyadlula, lapho lelokhethini elikhulu elalibekwe eNtshonalanga, nentaba yeSinkwa sokuPhila. Incwadi encane, *Angibanga Ngongawulaleliyo Umbono WaseZulwini*, futhi nakhu kwenzeka konke, kwembulwa khona lapha ebusweni bethu.

UnguNkulunkulu, futhi akekho omunye nguWe kuphela. Samukele Nkosi; sithethelele izono zethu. Ngiyaphenduka ekungakholweni kwami konke, kubo bonke ububi bami. Nginxusa e altare likaNkulunkulu.

Njengoba ngiza kulobubusuku nalelibandla elincane phambi kwami, ngokukholwa sisuka kulendlu ngokuhlwithwa, njengoba sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini sizungeze isiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Izinhliziyo zethu zithokomalisiwe izikhathi eziningi ezintweni esibone Uzenza futhi uqaqa iziMfihlakalo zaKho kithi. Kepha, Nkosi, namuhla ebusuku ngikhathele kakhulu. Maye kimi. NjengoJakobe, ngenkathi ebona lezoziNgelosi zehla ngeladi futhi zibuyela emuva, wathi, "Lena yindawo esabekayo, iyiNdlu kaNkulunkulu." NeBethele yakhiwa lapho.

Nkulunkulu, abantu abakuqondi lokho . . . Bacabanga ukuthi kuyoba nentokozo enkulu, kepha Nkosi, ukukhathala okungaka, into esabeka kangaka, esidalweni ukuba size phambi kwesiDalwa esikhulu esinamandla saseZulwini.

Ngithandazela ukuthethelelwa kwebandla lami elincane lapha, Ongithumele phansi ukuba ngilihole futhi ngiliqondise. Babusise, Nkosi. Ngenze njengokuba imibono namaphupho nezinto kusho kanjalo ngokwazi kwami konke. Ngibeke phakathi konke ukudla, ngendlela engazi ngayo, okungokwabo, Nkosi. Noma ngabe yini, Nkosi, singabaKho. Sizinikela ezandleni zaKho, Nkosi. Yibanomusa kithi, sithethelele, futhi masibe ngofakazi baKho inqobo nje uma sisesemhlabeni. Bese, uma ukuphila sekuphelile, samukele phezulu eMbusweni waKho. Lokhu sikucela eGameni likaJesu. Ameni.

Nonke, hlanzani yonke inhliziyo yenu. Lahlani konke, konke okusindayo. Kususeni endleleni yenu. Ningavumeli lutho ukuba lunikhathaze. Ningesabi. Akukho okudinga ukwesatshwa. Uma uJesu ebuya, impela ku . . . kungumzuzu umhlaba wonke jikelele obukade uwububulela uwukhalela. Uma kuyinto evelayo manje, yokufika okusha—ukufika okusha kwesiphiwo esisha noma okunye, kuyomangalisa. Uma kungukuza kwesikhathi sokuthi isambulo semiDumo eyisiKhombisa izokwambulelwa iBandla (ukuthi lihambe kanjani) angazi. Ngibeke kuphela engakubonayo.

O he, isikhathi esinje! Sinzima nokucabanga okunzulu. Futhi uma kungaba yisikhathi sami sokuba ngihambe, ngingowaKho, Nkosi. NgingowaKho. Uma Usuqedile, woza, Nkosi Jesu. Noma kungaba yikuphi, noma kungaba sikhathi sini, ngingowaKhe. Angisho ukuthi ngifisa ukumuka; angifisi. Nginomndeni okufanele ngiwukhulise; ngineVangeli okufanele ngilishumayele, kodwa lokho kuya ngokwentando yaKhe, hhayi eyami. Leyo yintando yaKhe. Angazi. Ngilanda nje kuphela kini ukuthi kuyini. Kuyini—uNkulunkulu uyokufeza. Kodwa, nginitshela engakubonayo nokwenzekayo. Ukuthi kwakuchaza ukuthini, angazi; kodwa Banumzane, kungaba ngukuphela lokhu na?

Abantu bakhona manje—abantu abayisithupha, ababenalawo maphupho. Akumangalisi ukuthi ayengesiso isikhombisa na? Ngabe kuyisimanga impela ukuthi isithupha saholela phezulu impela, kwase-ke kuba yilowombono ngokushesha. Abantu balapha. UMfowethu Jackson, lapha, waba ngowokuqala; kwalandela uMfowethu Parnell; kwalandela uDadewethu Collins; kwalandela uDadewethu Steffy; kwalandela uMfowethu Roberson; kwase kuba nguMfowethu Beeler; noBaba waseZulwini uyazi akubanga kusabakhona elinye eliqondene nakho. Ekupheleni kwalelo lesikhombisa, (okwakunguDadewethu Steffy) masinyane kwase kuvela umbono.

Niyabona na? Niyabona ukuthi kungani ngishiya na? Niyabona ukuthi kungani kufanele ngihambe na? Kufanele ngikwenze. Futhi bangane, ningabuki kimi. Ngingumfowenu. Ninganginaki mina, ngoba ngingumuntu osengafa nje. Ngizofa njengomuntu wonke. Ningangilaleli mina, kodwa lalelani lokho engikushilo. Engikushilo ngumlayezo. Ningasinaki isithunywa; qaphelani umlayezo. Amehlo enu awahlale ebuka, hhayi esithunyweni, kodwa emlayezweni—lokho okushiloyo. Yileyonto okufanele kubukwe kuyo; futhi Nkulunkulu sisize, lowo ngumkhuleko wami.

Manje, bengingafuni ukuza nginitshele lokhu, kodwa bengingenifihlele lutho. Manje, ngokwazi kwami . . . ake nginitshele . . . ngokwazi kwami, ngizohamba ezinsukwini ezimbili kumbe ezintathu ezizayo (ngolesiThathu ekuseni) ngiye eTucson. Angiyi eTucson ukuba ngiyoshumayela; angiyi lapho ukuyoshumayela. Ngiya e Tucson ukuyongenisa umndeni wami esikoleni, bese-ke ngiba wuzulane. Ngizokwenyukela e Phoenix ukuyobamba lowomugqa omncane wezinkonzo, okuyoba mhlawumbe yimilayezo nje emincane ngokuzungeza; bese kuthi mhlawumbe, ngicabanga ukuthi bafuna ngishumayele engqungqutheleni ubusuku obubodwa. Abashongo lutho ngayo, bathe nje ngiyobalapho. Niyabo, lokho akunambitheki kimina. Nginezwi, ISHO KANJE INKOSI kuMfowethu Shakarian, futhi. Angazi ukuthi uzokwenzani ngakho, kodwa nginezwi okumele ngimtshele lona. Angazi ukuthi uzokwenzani; kukuye.

Niliqaphelile iPhimbo lokugcina na? Akufanele kube yinhlangano, kodwa bamemezele isivumokholo sabo. Inhlangano, bese ngiyasuka. Ngingaphandle entweni enjalo.

Manje, ngokucabangela uMfowethu Arganbright noMfowethu Role, usomaqhinga wase Washington phansi komongameli abayisikhombisa, ufanele abe se Afrika. Futhi uMfowethu Role, nami, noMfowethu Arganbright sizoya e Afrika ngqo sihambele imihlangano—ezansi eNingizimu Afrika nase Tanganyika nanoMfowethu Boze, futhi nasezansi futhi mhlawumbe enhla sedlule e Australia futhi sibuye

ngaleyondlela, uma iNkosi ingenzi okunye okwahlukileyo. Kodwa ngaphambi kokuba ngihambe, ngizobuyela lapha.

Kothi-ke uma sengibuya ngivela lapho, uma uNkulunkulu engakakhulumi kimina ngenye indlela, ngizothatha umndeni ngikhuphukele ngase Anchorage, e Alaska. Lena yiNingizimu-ntshonalanga, kuyoba seNyakatho-ntshonalanga. Bese futhi beyekwa bahlale lapho kuze kube sehlobo, uma kushisa kakhulu ezansi e Tucson kuyokushisa kuze kukuyobule isikhumba. Angicabangi ukuthi bangakumela. Bayokhumbula kakhulu ekhaya futhi bakhathazeke. Asiyidayisi indawo. Izolokhu ikhona khona lapho nefenisha endlini. Angazi ukuthi ngizokwenzenjani.

Bese, ngesikhathi sekwedlule ihlobo, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukusuka e Alaska, ngehle ngize ngase Denver—eNtshonalanga eMaphakathi. eNingizimu-ntshonalanga, eNyakatho-ntshonalanga, iNtshonalanga eMaphakathi, ngikhala, "O Nkosi, Ufuna ngenzeni na?"

Okwamanje, wonke umlayezo, ngokuwazi kwami, eyoshunyayelwa iyobakhona khona lapha, lelitabernakele. Nakhu lapha amateyipu ayobakhona; kulapha lapho kukhona khona ikomkhulu, futhi angizimisele ukuhlala nomndeni wami eNtshonalanga. Ngizohamba ngiyofuna ngize ngithole ukuthi uNkulunkulu ufuna ngenzeni. Uma lonyaka ungakucacisi, bese ngonyaka ozayo, ngaphandle kwamanzi noma ukudla, ngizohamba ngiphumele ogwadule, futhi ngizolinda aze Angibize. Angikwazi ukuqhubeka kanje. Ufanele uthole ubunzima. Ufanele ufike endaweni lapho ofuna khona ukwazi iNtando kaNkulunkulu, futhi ungayenza kanjani iNtando, uma ungayazi intando na? Ngiyahlola ngenxa yesizinda salowombono walokho owakwenzayo; niyabo ukuhamba ngijikeleza njengesithunywa senkolo nobuvangeli kuze kufike lolobizo. Niyalukhumbula olokuqala mhla sibeka lelotshe legumbi na? "Yenza umsebenzi womvangeli," Washo njalo. Alushongo ukuthi wawungumvangeli, kodwa yenza umsebenzi wakhe; mhlawumbe kuze kufike isikhathi sokwenza okunye, olunye uguquko lomsebenzi. Kungaba ngokuthile okwahlukile. Angazi.

NiyaMthanda na? Yibani nesiqiniseko ngempela salokho. Yibani nesiqiniseko ngempela sakho. Labo abathanda iNkosi.

> "Labo abalinda eNkosini,
> Bayohlumelelisa amandla abo.
> Bayokhuphuka ngamaphiko njengokhozi,
> Bayogijima bangakhathali.
> BayoHamba bangaquleki.
> O ngifundise Nkosi, ngifundise Nkosi ukulinda."

NgiyaMthanda, futhi ngiyazi nani niyamthanda futhi.

Manje, kusasa ebusuku . . . Ngicabanga ukuthi ngikwenze kwacaca bha. Ngikwenzile yini na? Kwacaca ngendlela engiyaziyo ukuthi kwenziwa kanjani. Yilokho kuphela engikwaziyo. Yilokho kuphela engikwazi ukukusho. Futhi uma ngembulelwa okuthize, ngiyonitshela masinyane. Ngiyazi nishisekele ukwazi. Ngishisekele ukwazi. Angazi ukuthi bekuchaza ukuthini; angazi ukuthi ngiyaphi; angazi ukuthi kuzokwenzekani. Ngivele . . . Into kuphela engiyaziyo, ngihamba nje kuphela ngomusa kaNkulunkulu. Khona Uyongitshela uma sengifika lapho, mhlawumbe. Kodwa ingxenye yami manje ingukuthi, hamba. Futhi kungenzeka ngingabi lapho amaviki amabili ngize ngibe kwenye indawo, futhi ngingabuyela lapha. Kunjalo. Angazi kodwa ngi . . . Lowombono wawunomkami nabantwana bami kulokho, futhi yona leyonto ya—ngangisenqoleni emboziwe futhi kwathi ngomzuzu ngihambe ngangena lapho, kwabakhona . . . Ngangisemotweni yami enendawo evulekile ngemuva phakathi. Futhi yileyondlela esisuka ngayo ezinsukwini ezimbili—singazi lapho esiya khona, singazi ukuthi sizofike senzeni uma sesifika lapho. Siyahamba nje.

UNkulunkulu uyisimanga kithi ngoba izindlela zaKhe aziqondakali. Ufuna inhlonipho.

"Uyaphi na?"

"Akusiwo umsebenzi wakho lowo, qhubeka uhambe nje."

"Ufuna ngenzeni, Nkosi na?"

"Akulutho kuwe lokho, Landela Mina wena. Qhubeka uhambe nje."

"Ngiyomaphi na?"

"Kuyini lokho kuwe na? Qhubeka uhambe nje." Ngakho nakhu ngihamba. EGameni likaJesu Kristu. Ameni.

"Ng'yaMthanda,
Ng'yaMthanda,
Ngoba Wangithanda,
Wang'thengelinsindiso
Emthin' eKalvari.

Ng'yaMthanda . . . (Ungukuphila kwami) . . .
Ng'yaMthanda . . . (bonke engibaphileleyo) . . .
Ngoba Wangithanda.

Wang'thengelinsindiso emthin' eKalvari."

BANUMZANE, YISO ISIKHATHI LESI NA?

Futhi sisalicula futhi. Xhawulana nomunye oseduze kwethu. Thana mfowethu kumbe dadewethu ngikhulekele ngizokukhulekela.

UMfowethu Branham ucula u Ng'yaMthanda futhi.

*Yiso IsiBonakaliso SokuPhela Lesi, Mnumzane Na?* ZUL62-1230E
(Is This The Sign Of The End, Sir?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Disemba 30, 1962, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©1993 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org